# *AmaHeberu,*

# *Isahluko Sesithupha* [3]

Sanibona ekuseni, bangani. Kuyinhlanhla ukuba lapha. No—nokugcwalisa lokhu ukwethulwa okukhulu okuvela kumelusi wethu ngempela bekungathatha ukuphila kwangempela, bekungeke na? Ngakho sinika udumo eNkosini ngawo onke amandla aKhe amakhulu okuphilisa nezihawu zaKhe Asiphe zona kusukela phansi eminyakeni.

Manje nginezimememezelo ezimbalwa ukuba ngizenze. Esisodwa, thina, uMfowethu Woods noMfowethu Roberson, futhi sifuna ukunibonga nonke ngokusikhulekela, ngohambo oluphephile. Sibe nesikhathi esimnandi; sekuyizinsuku ezine nohhafu nje singekho, ngiyakholwa, futhi sabuya ngokuphepha. INkosi isibusisile.

506 Manje, simemezela ukuthi uMfowethu Graham Snelling, imvuselelo yakhe, iyaqhubeka, enhla e—ekupheleni kukaBrigham Avenue, e. . . edolobheni lapha. Nalolu uLwesithathu oluzayo ebusuku. . . Ngifuna ukumuka kusasa, emva kwenkonzo yomngcwabo ngeyodwa ngizomemezela emizuzwaneni embalwa. Sizonazisa ngoLwesithathu ebusuku. Sifuna ukuya ngokuba yizithunywa, sonke, enhla ukuvakashela uMfowethu Graham ngaphambi kokuba avale inkonzo yakhe enhla lapho. Futhi sizozama ukuthi sithole lonke ibandla libe ndawonye, uma singaphumelela, futhi sihambe njengezithunywa ukuyohlangana, ukuba sibe noMfowethu Graham kwenye yezinkonzo zakhe.

507 Futhi, manje, kulentambama e—esizindeni sabangcwabi eCharlestown, ngu—nguNkk. Colvin, owake weza ebandleni lapha eminyakeni eminingi edlule, eneminyaka engamashumi ayisikhombisa–nane ubudala, ushiye lokhu ukuphila izolo ukuba ayoba neNkosi uJesu. Nomngcwabo wakhe uzoshunyayelwa ngoMsombuluko, nguMfu. Mnu. McKinny, wayevame, ngaphambilini, umelusi webandla leMethodisti e—ePort Fulton iminyaka eminingi, owayengumngani oqondene nabo. Futhi ngizomnceda, ngoMsombuluko, nge, ngikholwa ukuthi ungelokuqala ligamenxe, e—endlini yesonto eCharlestown, eIndiana. Nani nonke bangani bomndeni wakwaColvin beninga, ngiyazi, beningakuthokozela manje ukukhuthaza okuncane nje noma uku. . . ukuxhawulana okuncane. Ngokuba sonke siyazi ukuthi konke lokho kuyini, thina ebesisezansi kulezo, ezigodini, qobo lwethu, futhi siyazi ukuthi kusho ukuthini ukulahlekelwa ngumngani. Futhi ngakho

si...Ulele e—endlini yesonto manje, eCharlestown, eIndiana. Uma nenyuka kulentambama, ngani, bekungathokozelwa ngumndeni wakwaColvin, ngiqinisekile. Abaningi babantu bakubo uza lapha etabernakele namanje. Ngibashadisile, ngabangcwaba, ngababhaphathiza, cishe impela, umndeni wabo, wonke. Futhi ngakho uMnu. Grayson, owayevame ukuba ngumakhelwane wethu khona lapha, ngumngcwabi enhla lapho.

508 Bese kuthi–ke lokhu, kulobubusuku, iNkosi ithanda, lapho esishiya khona kulokhu ukusa, sizozama ukucosha kulobubusuku, kulokhu ukutadisha okukhulu esikutadishayo manje. Futhi–ke ngicabanga ukuthi lokho bekuyizimememezelo, ngo—ngokwazi kwami—mi. Futhi kulolu uLwesithathu oluzayo ebusuku, manje, sizomemezela ngobusuku esizokwenyuka ngalo sibe noMfowethu Graham.

509 Futhi semukela zonke izihambi emasangweni akithi. Futhi siyajabula ukuba nani lapha kulokhu ukusa, futhi sikhulekela ukuthi uNkulunkulu uzothi kakhulu impela, ngokuninginingi, anibusise namhlanje ngalokhu ukubuthana.

510 UMfowethu Cox usanda kungitshela nje ukuthi impahla yokukhuluma emphakathini ibingasebenzi kahle kakhulu ngesikhathi. Mhlampe ku, mhlawumbe ngokwesimo sezulu, inqwaba yomswakamo emibhobheni lapho. Futhi ayimihle kakhulu, okokuqala nje, ngakho lokho kungaba yimbangela.

511 Njengoba ngibona udade ehlezi lapha engimaziyo, uDade Arganbright. Ngi...Lokhu akukuhle futhi—futhi ukuhloniphana kwabantu, ukubuza lokhu, kodwa uke wezwa kuMfowethu Arganbright selokhu ewelile. Ngikhathalele kakhulu ekuzweni kuye masinya nje uma singaphumelela. UseSwitzerland naseJalimane, emhlanganweni laphaya noMfowethu Tommy Hicks noPaul Cain. Uma kwenzeka uzwa, Dade Ruth, ungazise masinya, ngokukhulu nje ukushesha ongakwenza.

512 Manje, itabernakele elincane alinabulunga, kodwa sinenhlanganyelo. Asinasivumokholo kodwa uKristu, asinamthetho kodwa uthando, asinancwadi kodwa iBhayibheli. Leyo yiyonaNcwadi kuphela esazi ngayo, nento kuphela esiyaziyo, njengoba sinayo. Njengoba iGazi likaJesu Kristu lisihlanza ezonweni zonke, sinenhlanganyelo omunye nomunye, wonke umuntu.

513 Bengiqaphele, kulokhu ukusa, kwabanye benu bantu ningahle ukuba nimzwile omunye umfowethu ekhuleka. Lowo bekuyiKatolika, ngakho, noma obeyiKatolika ngaphambilini. Futhi sinazo zonke izinhlobo ezehlukene zabantu abeza lapha. Nje ngisanda kuba nenhlanhla, emizuzwaneni embalwa edlule, ukuxhawulana nomfowethu oyiMennonite ohlezi phakathi lapha. NakumaMennonite, kumaMethodisti, kumaBaptisti, neKatolika, kumbe noma ubani othandayo,

mabeze. Futhi sihlanganyela ndawonye ngasezithembisweni zeZwi likaNkulunkulu. Ohleziyo okhona nguFakazi kaJehova nezinhlobo ezehlukene zabantu, ngabona amahlelo ehlukene.

514 Ngangivame ukuthanda (awu, ngisayithanda namanje) iNtshonalanga. Ngiyawathanda amahhashi nezinkomo. Ngakhuliswa epulazini nje, futhi ngi—ngiyalithanda. Futhi sasivame ukuba nokuqoqa izinkomo, futhi ngangihamba nabo. Futhi sasinothango lokushushumbisa. Angazi noma nina bantu baseMpumalanga niyazi ukuthi yini uthango lokushushumbisa, noma qha. Kungenkathi lapho ufaka izinkomo e—ehlathini, banothango lokuba zingashushumbi ababekubiza kanjalo, zehle zibuyele emadlelweni. Zazidla utshani, lapho abakhulisa khona utshani bokuziphakela ebusika. Bese-ke kuba phezulu entabeni, kanti futhi banothango lokushushumbisa, lapho abehlukanisa khona amasikazi angaka neduna, kanjalonjalo. Kubizwa ngothango lokushushumbisa. Kodwa uthango lokushushumbisa olukhulu lulapho umqaphi wepulazi ema khona uma izinkomo zedlula.

515 Futhi manje ngihlale lapho, usuku oluningi, esihlalweni sami sehhashi, futhi ngazibhekisisa lapho izinkomo zedlula. Kwakukhona zonke izinhlobo zohlobo ezazingena. Kwakukhona ezinye ezazibizwa nge "Dayimane." Nezinye zazo kuthiwa i "Bar X." Nezinye . . . Ezethu kwakuyi "Tripod," into ethi ayifane nebheji lamaVulandlela. Umfo olandelayo, ngezansi kwakho, kwakungu "mgudu wekewu" esehhashini. Futhi babenazo zonke izinhlobo zohlobo, u—ukwazi izinkomo zabo uma bezikhipha beziqhuba.

516 Manje, umqaphi wepulazi wayengakukhathalele kakhulu ukuthi zazihlobo luni, kodwa nakhu okuyikho, umqaphi wepulazi wayekhathalele ukubhekisisa isilengiso esiyicici endlebeni yazo. Yonke into eyayingena lapho, akunandaba ukuthi kwakuwuhlobo luni, kwakufanele kube yiHereford yangempela. Yayingeke ingene lapho ngaphandle uma kwakuyiHereford. Yayifanele kube yimfuyo erigistiwe kungenjalo yayingeke yedlule.

517 Ngiyacabanga, ngalolosuku uma sekufika iNkosi, Akazukunaka lutho ukuthi sifake hlobo luni, kodwa uma sonke singamaKristu azelwe ngokusha. Kunjalo. Leyo yimfuyo kaKristu. Ukuhlolwa kweGazi kuzosifakazisa, sonke singamaKristu. Futhi uma sonke sizoba ngaleyondlela *lapho*, singahle sibe ngaleyondlela nje lapha. Anicabangi kanjalo na? Yileyondlela, siyithokozela yonke inhlanganyelo kuwo onke amabandla ehlukene.

518 Manje sitadisha kuleNcwadi yamaHeberu ebusisekileyo. Omunye umfowethu uyijabulele kakhulu useze wathatha amateyipu futhi wenza incwadi yezincwadi ezifundisa ngalokhu.

519 Manje sizofika, masinya impela, esahlukwen 11. Sibheke ukuchitha ubusika kulokho, esahlukweni 11. Ngazinye zalezozimilo, sifisa ukubuyela emuva sedlule eNcwadini bese sibopha wonke umBhalo ndawonye. Bengizokwenza. Ngikwenza ngesigaba, kokunye kwalokhu, kwalezizahluko zangaphambilini, ukuthola yonke iNcwadi iboshelwe ndawonye. Ngokuba, niyabo, umBhalo ufanele ufakazise umBhalo.

520 Ngakho–ke, uma kukhona ukuphikisana, ukuthi noma ubani ubengacabanga ukuthi imiBhalo iphikisana nomunye, leso yisiphosiso. Akukho-mBhalo ophikisana nomBhalo. U—ukuphikisana kulapho mhlawumbe Uphambana nendlela yethu yokuWubuka, kodwa Awuziphikisi. Kade ngisenkonzweni, ngiqhubekela eminyakeni engamashumi amabili–nesithupha manje, futhi angikaze, nakanye, ngithole into eyodwa eBhayibhelini ephikisana nanoma yini enye eyabhalwa eBhayibhelini. Futhi ngi—ngiyazi nje ukuthi ayikho lapho.

521 Futhi namhlanje sitadisha kwesinye sezahluko ezibusiswe kakhulu impela zamaHeberu, isahluko 7. Futhi ukhona yini ongenalo iBhayibheli, ongathanda ukuba asilandele ekufundeni, singajabula ukukulethela iBhayibheli uma nje uzovele uphakamise isandla sakho. Ngizoba namanye amalunga amadala, omunye, eze lapha futhi athathe amanye. Omunye baphakamise izandla zabo emuva lapho. Futhi ngiyabonga, mfowethu. Futhi uma ufuna iBhayibheli, vele uphakamise isandla sakho nje, futhi bazokulethela lona.

522 Manje, indlela kuphela ibandla elingakhiwa ngayo, indlela kuphela umuntu angaba nokuKholwa ngayo, ayisikho ngokwehlelo lakhe, hhayi ngokuzihlanganisa kwakhe. Kodwa ukuKholwa kwakhe akuphumule phezu kwesayense yezenkolo yeminye imibono yomuny'umuntu, ngoba wona, uthi awube, ngumuntu ngakho konke. Kodwa indlela kuphela ukuKholwa okungathola ngayo indawo yakho yokuphumula eqinileyo, iphezu kweZwi likaNkulunkulu elinganyakaziseki nelingaguquleki. "Ukukholwa kuvela ngokuzwa, ukuzwa iZwi." Kuthatha kanjalo–ke. Futhi—futhi uma ukuKholwa kuzwiwa futhi kwemukelwa, sekuxazululwe kuze kube–phakade. Akukho lutho okunye okungake kukugudluze, akunandaba ukuthi kufikani noma kuhambani. Akukho okungake kuguqule lokho kuKholwa. Cabangani ngalokho. Ugxilise okwehange, futhi awusenakuguquka, okwesikhathi nePhakade. Ugxilise okwehange kuze kube-phakade, "Ngokuba uNkulunkulu, ngomhlatshelo owodwa, uphelelise njalonjalo labo abangcwelisiwe, noma ababiziweyo."

523 NokuKholwa kunendawo enkulu ngempela kumKristu, impilo yekholwa, ukuthi kungathatha ukuma kwakho eceleni kwethuna elinodaka noma phezu kwebhokisi lomngcwabo ikhasikhethe, lapho ingane eligugu noma isithandwa sesedlulile kulokhu ukuphila saya ngaleya. Nangokugolozela kweso

lokhozi, ibingabheka kuYe owathi, "Ngingukuvuka nokuPhila." Futhi bayazikhohlwa izinto esezedlule. Bajonga emgomweni wokubizwa okukhulu.

524 Ngijabula kakhulu ukuthi uNkulunkulu uhlinzeke okunjalo, futhi ukwenze kwaba yisiphiwo sangesihle kubo bonke. Azoba yilokho–ke amabandla. *Amabandla* akuchazi khona ukuthi amahlelo noma izinhlangano; kuchaza ukuthi, "Amaqembu abantu, bamakholwa, ohlangene ndawonye phansi kwenhlanganyelo yeZwi."

525 Futhi kulokhu ukufundisa okuyisimangaliso lapha kukaPawulu oNgcwele, ezendlalelweni, ezahlukweni zangaphambili, ubephathelene ngqo nobuNkulunkulu obukhulu beNkosi uJesu nokuthi Wayengubani. UKristu wayenguNkulunkulu, wenziwa kanjalo ukuze abantu bakwazi ukuMuzwa ngokuMphatha nokuMthinta, ne—nenhlanganyelo naYe. UKristu, iNkosi uJesu, wayengumzimba uNkulunkulu ayehlala kuwo, "UNkulunkulu waba yinyama wakha phakathi kwethu." UThimothewu wokuQala 3:16, "Kuvunyiwe ukuthi inkulu imfihlakalo yokukhonza, ngokuba uNkulunkulu wabonakaliswa enyameni."

526 UJehova oMkhulu wehla wayesenziwa obambekayo, ngokuhlala emzimbeni weNdodana yaKhe uQobo, ememezela futhi enza ukuba izwe libuyisane naYe. UNkulunkulu wayengelutho . . . UKristu wayengasilele ngalutho kuNkulunkulu, no—noNkulunkulu wayengasilele ngalutho kuKristu. Ababili ndawonye benza ubuNkulunkulu ngokomzimba, wenziwa wabamncinyane kuneziNgelosi, ukuze Ahlupheke. IziNgelosi ngeke zahlupheka. UJesu wayeyitabernakele uNkulunkulu ayehlala kulo.

527 IBhayibheli lasho, esahlukweni 7 seZenzo zabaPhostoli, ukuthi, "Amatabernakele, nomhlatshelo wokushiswa neminikelo yokushiswa Awuyithandanga, kodwa UNgilungisele umzimba. Kepha Ophezu Konke akahlali ematabernakele enziwe ngezandla, kodwa UNgilungisele umzimba," ukuthi ukuhlala etabernakele noma ukuhlala enhlanganyelweni nomuntu.

528 UNkulunkulu evumela, sizothi nje singaqeda ngalesisahluko lapha, noma siqede ngaleNcwadi, sifuna ukubuya emuva bese sicosha iNcwadi kaRuthe futhi sikhombise phakathi lapho ukuthi uNkulunkulu waba kanjani yisihlobo somndeni, ukuba Abuyisane nolahlekile ngokuhlanganyela nokuba ngomunye wethu. Umhlengi ufanele abe yisihlobo somndeni, futhi indlela kuphela uNkulunkulu ayengaba yisihlobo somndeni kithi, ngukuba abe ngomunye wethu. Ngakho, Wayengeke abe yiNgelosi futhi abe yisihlobo somndeni kumuntu.

529 Izolo kusihlwa ngenkathi ngikhuluma nendodana edabukile enhliziyweni, uphathini wami, kamama osanda kushona

nje, wathi, "O Mfowethu Bill, ngiqagele useyiNgelosi kulobubusuku."

530 Ngathi, "Qhabo, Earl. Akasoze aba yiNgelosi. Ungowesifazane, kulobubusuku, njengoba uNkulunkulu amenza nje, futhi uyohlala enjalo, lutho ukuba yiNgelosi." UNkulunkulu wenza iziNgelosi. Akazange enze abantu babe yiziNgelosi. Wenza iziNgelosi *na*bantu. Ngakho abantu abasoze baba yiziNgelosi, neziNgelosi azisoze zaba ngabantu. UNkulunkulu wabenza behluka.

531 Manje, futhi kuKristu eba yinyama ukuhlenga kulelophesheya elikhulu lapho umuntu ayewe khona, nalokho okungafi ngesono kwakwehlile, uNkulunkulu wehla wayesethatha isimo sesimo somuntu, wayeseba yisihlobo somndeni kithi, ukuze Athwale izono zethu nokufa kwethu.

532 Futhi komunye wemifanekiso ngokwenza ebesiyinikeza, ezifundweni zangaphambilini; isendlalelo esincane nje ukuze isifiki sizoqonda. UNkulunkulu, esendleleni yaKhe enyukela eKalvari. Njengoba udosi lokufa lwaluphezu kwaKhe, futhi lwalububuza luMzungeza, futhi ekugcineni lwaMtinyela waze Wafa. Wafa ilanga laze layeka ukukhanya. Wafa inyanga nezinkanyezi akwangakunikeza ukukhanya kwakho.

533 Noma, ukuthi Wakwenza kanjani lokho, ukusigxilisa okwehange isitinyeli sokufa! Ukuba Wayekade engumuntu onokungafi, ukuba wayekade esemzimbeni–moya, noma wayekade esemoyeni, ukufa akunakho ukulawulwa kwalokho. Kwakufanele kube yinyama, ukuze Akwazi ukuthatha isitinyeli sokufa. Kodwa uma inyosi noma isilokazana esitinyelayo, uma sike satinyela kwajula, asisophinde sitinyele futhi. Sishiya isitinyeli enyameni. Futhi yilokho uKristu a be-. . . noma uNkulunkulu aba yikho. UKristu wahlala enyameni, ukuze Asigxilise okwehange enyameni yaKhe uQobo isitinyeli sokufa. Futhi ngenkathi ukufa kumonyuka kuYe esiphambanweni, kwashiya isitinyeli sakho, akubange kusakwazi ukubuye kutinyele ikholwa. Kungenza umsindo wokumumuza, kungenza ukububuza nosongo, kodwa kungetinyele. Akunasitinyeli.

534 UPawulu oNgcwele omdala, ekumasheni kwakhe kokufa, wamemeza kakhulu wayesethi, "O kufa, luphi udosi lwakho na? Futhi thuna, kuphi ukunqoba kwakho na? Kepha makabongwe uNkulunkulu osiphe ukunqoba ngeNkosi yethu uJesu Kristu, ngokuba kokubili ukufa nethuna kulahlekelwe amandla akho."

535 Manje, manje–ke, ngeSonto eledlule sithathe, "Sidlula eziqalweni zemfundiso ngoKristu," esahlukweni 6, sifunda lokhu, "siqhubekele kokupheleleyo." Futhi sithole ukuthi abantu namhlanje emabandleni amaningi, kanye neBranham tabernakele nahlukeneyo, sibeka kakhulu ekutadisheni ngeziqalo ngoKristu: WayeyiNdodana ka–Abrahama, Wayeyindodana ka—ka*s'bani–bani*, nasekuqhubekeleni emuva,

izizukulwana. Kodwa iBhayibheli lathi, “Asibeke eceleni lezozinto, futhi siqhubekele kokupheleleyo.”

536 Kuqala nifanele nazi imfundiso, bese kuthi–ke nifanele nazi zonke lezizinto; manje–ke asizibeke eceleni, Wathi, ngokuvuka kwabafileyo, ukubeka izandla, imibhaphathizo, nazo zonke lezozimpahla ezifile ngoNkulunkulu. Nokho, a—azinakuPhila kuzo. Kodwa ibandla namhlanje liya kulezozinto nje, “O, siyakholelwa ebuNkulunkulwini bukaKristu.” Yebo. Impela. “Siyakholelwa embhaphathizweni wamanzi.” Yebo. Impela. “Ukubeka izandla.”

537 UPawulu wathi, “Siyokwenza konke lokhu uma uNkulunkulu evuma. Kodwa ebusweni bakho konke lokho, asikubeke eceleni manje, futhi siqhubekele kokupheleleyo.”

538 Manje, ibandla lingeke lapheleliswa ngezinhlangano. Liqhela kakhulu kuNkulunkulu, ngaso sonke isikhathi, noma liqhela kakhulu kwelinye nelinye. Sidweba izithiyo, sizehlukanisa thina, kubonakala sengathi asinakho ukuKholwa. Kodwa manje–ke uma sidlula kulezoziqalo zemfundiso, uma siqhubekela ekupheleleni, khona–ke lezozinto ezincane ziphenduka zingabe zisaba ngezisetshenziswa kangako.

539 Singena ekuhlobaneni, futhi sithola ukuthi indlela kuphela esingapheleliswa ngayo ngukuba kuKristu. Futhi siyathola–ke, ngokufundisa kweBhayibheli, singena kanjalo–ke kuKristu; hhayi ngombhaphathizo wamanzi, hhayi ngokubeka izandla, hhayi ngokufundisa. “Kepha ngaMoya munye thina sonke sibhaphathizwe sibe Mzimba munye futhi sibe ngabaphelelisiweyo ngokuhlupheka kwaKhe.” Manje–ke, sibuka ngokwehlukile. Sicabanga ngokwehlukile. Senza ngokwehlukile. Siphila ngokwehlukile. Hhayi ngoba kungumsebenzi esiwumiselweyo noma singabesonto, kodwa ngenxa yo “thando uNkulunkulu alwabe ndawo zonke ezinhliziyweni zethu ngoMoya oNgcwele,” lokho kusenza sibe yizakhamizi ezingabangani zoMbuso kaNkulunkulu, manje–ke akukho–hlelo noma zithiyo kulokho. Sonke singuMzimba omkhulu owodwa.

540 Manje sesilungele ukungena phezu kwesifundo sasekuseni, emizuzwaneni embalwa. Enye futhi into eyodwa engithanda ukufinyelela kuyo lapha, okungukuthi, ukuthi, uPawulu ekhuluma eNcwadini, yesesi 7. . .noma isahluko 6, siyathola lapha ukuthi senziwe saphelela kuKristu. Bese kuthi–ke evesini 13 lesahluko 6, isendlalelo esincane nje.

> *Ngokuba lapho uNkulunkulu wamthembisa uAbrahama, wazifunga yena, lokhu kungekho omkhulu kunaYe,*

UNkulunkulu wazifunga Yena, ngoba Wayengenakufunga nganoma ubani omkhulu kunaye.

541 Manje sifuna ukubuyela emuva. Asiye kwabaseGalathiya imizuzwana embalwa nje. Sibuyele eNcwadini kwabaseGalathiya, futhi sithole kwabaseGalathiya 3:16. Futhi sizofunda lapha umzuzwana nje, ngalokho Afunga ngakho.

> *Manje–ke* isithembiso *zanikwa uAbrahama nenzalo yakhe. Akasho ukuthi, nakuzo izinzalo, kungathi ngezeningi; kepha kungathi ngeyodwa,. . . enzalweni, enguKristu.*

542 Manje uma nizoqaphela, nifunde lokho nisondele manje, lapho nifunda.

> *. . . izithembiso* (ubuningi) *zanikwa uAbrahama nenzalo yakhe* (ubunye).

543 "UAbrahama neNzalo yakhe." Manje, iNzalo ka-Abrahama yayiyinye, okwakunguKristu; ngokufanekisela, uIsaka.

Kodwa uAbrahama wayenabantwana abaningi. Wayenoyedwa ngaphambi kokuba abe noIsaka, okwakukhombisa ukungena ngesinyelela kokungakholwa kukaSara owayefuna uHana ukuba alethe umntwana, ecabanga ukuthi wayeseguge kakhulu, noNkulunkulu ukuba edlule futhi enze enye indlela ethize endleleni Ayethembise ukukwenza.

544 Kodwa uNkulunkulu uyasigcina isithembiso saKhe. Akunandaba ukuthi kungabonakala kungokungenangqondo kanjani, uNkulunkulu ubophezelekile esithembisweni saKhe. NoSara wacabanga ukuthi mhlawumbe wayengaba noHana . . . noma uHagari, njalo, incekukazi yakhe, ukuba azale ingane ngoAbrahama, futhi wayezoyithatha. Naleyo yaba nguIshmayeli, okwakuyiva enyameni, kusukela lapho kuze kube manje. Kusalokhu kuyiva enyameni, ngokuba lapho kuvela ama–Arabu, futhi kade beyileyondlela njalo.

545 Manje, njalo uma ungakholwa yiZwi likaNkulunkulu elisobala futhi uzithathele enye indlela ethize, kuyoba yiva enyameni yakho kusukela lapho kuqhubeke. Thatha nje lokho okushiwo nguNkulunkulu. Uma ALisho, lokho yilokho nje Akuchazayo. O, malibusiswe iGama laKhe! Thatha iZwi laKhe nje.

546 Akunandaba ukuthi yini ezama ukwedlula, uthi, "Awu, ngempela Akuchazi khona Lokho." Kuchaza nje lokho Elikushoyo, nxa uNkulunkulu enza isithembiso.

547 Manje uma sizoqaphela ngokusondela.

> *. . . zethenjiswa uAbrahama nenzalo yakhe . . .*

Omunye kwakuyiNzalo, ubunye, nenye kwakuyizethembiso. Kunesithembiso esingaphezu kwesisodwa, nomuntu ongaphezu koyedwa ofakwe eNzalweni ka–Abrahama. Niyabo? KuneNzalo eyodwa, kodwa abantu abaningi baleNzalo. Niyabo? Babengesuye nje uAbrahama yedwa, noma kuIsaka yedwa. Kodwa i . . . Kwakukuyo yonke iNzalo ka–Abrahama.

Izithembiso senziwa kuleyo naleyonzalo ngayinye yaleyoNzalo. Niyakuthola na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

548 "Ngakho–ke, thina, ngokuba ngabafile kuKristu, ngokwemiBhalo, sithatha iNzalo ka–Abrahama futhi siyizindlalifa ngokwesithembiso." Hhayi ngokujoyina isonto, noma ukubumba izinto ezifile, noma—noma kanjalo. Kodwa ngokuzalwa nguMoya kaKristu, siyiNzalo ka–Abrahama, futhi siyizindlalifa ezihlangene kanye naYe eMbusweni.

549 Bese siyaqhubeka-ke, ukufunda, manje–ke, phambidlana nje manje, "UNkulunkulu wenza isifungo." Manje ivesi 17 lesahluko 6.

> *Lapho–ke uNkulunkulu, ethanda kakhulu impela . . .*
>
> *. . . uNkulunkulu, ethanda kakhulu impela ukubonisa izindlalifa zesithembiso ukungaguquleki kwecebo lakhe, waqinisa ngesifungo:*

550 O, asiphumule manje imizuzu embalwa. "UNkulunkulu ethanda kakhulu." Hhayi ukuthi Wayedingeka akwenze, kodwa ukwenza lokhu kube yinto eqinisekile.

551 Manje, sesivele simtholile uNkulunkulu eba yinyama, wakha phakathi kwethu, ukuthi Wazibonakalisa kanjani Yena ngakulo izwe. Ngenkathi Ethola owesifazane esekuphingeni, wathi, "Angi. Angikulahli. Hamba, ungabe usona." Ngenkathi Ethola abagulayo, Wavele wenza nje ngendlela Ayezokwenza ngayo, ngokuba WayenguNkulunkulu, futhi Wa—Waphilisa abagulayo. Wavusa abafileyo. Wathethelela izono. Akunandaba ukuthi babenjani, nokuthi bangaki, nokuthi bahlubuke kanjani, Uyabathethelela, noma kanjani, ukuba babevuma ukuza futhi bacele.

552 Manje qaphelani. Uma uNkulunkulu enza noma ngasiphi isikhathi esisodwa esicini esithize, futhi uma lesosici esifanayo sivuka futhi, Uzofanele enze ngokwesibili njengoba Enza esikhathini sokuqala kungenjalo Akanabulungiswa. Niyabo? Akunandaba ukuthi usesonweni kabi kanjani, ukuthi usuqhothe kanjani, Uzokwenza kuwe njengoba Enza kulowo wesifazane owileyo kungenjalo Wenza ngokungesikho–ke. Ukuziphatha kukaNkulunkulu nguMuntu waKhe, nalokho Ayikho ekuziphatheni kwaKhe kumemezela uMuntu waKhe.

553 Futhi yileyondlela oyiyo, ekuziphatheni kwakho kwempilo, kuyasho ukuthi uyini. Njengoba sibe nakho futhi sedlula kukho, isifundo noma ezimbili ezedlule, abantu beMethodisti babefuna ukumemezela, "Uma umemeza, unaWo." IPentecostal ithi, "Uma ukhulume ngezilimi, unaWo." Umqhaqhazeli wathi, "Uma uqhaqhazela, unaWo," abaQhaqhazeli basePennsylvania. Futhi sithola ukuthi bonke banephutha. Impilo yakho iyaKumemezela. Ukuba ngumuntu kwakho kuyakumemezela oyikho. Umuntu waziwa ngemisebenzi yakhe, nalokho impilo yakho eyikho.

554 Niyizwile indaba endala, "Impilo yakho ikhuluma kakhulu, angikwazi ukuzwa amazwi akho." Ngakho noma ngabe uyini, uyikho. Impilo oyiphilayo iyakhombisa ukuthi nhloboni yomoya ekuwe.

555 Khona-ke ungahle uzifanise nento engesiyo . . . noma uzifanise nento eyiyo, mangisho. Ungahle uzifanise nomKristu. Kodwa kuyobakhona, masinyane, kufike isikhathi lapho kuyobekwa isisefo, khona–ke kuyokhombisa ukuthi uyini. Iketango liqine kakhulu ekuxhumaneni kwalo okubuthakathaka kunakho konke.

556 Ngenkathi uKristu iNdodana kaNkulunkulu efaka esivivinyweni, kwakhombisa ukuthi Wayeyini. Impela. Uma ufakwa esivivinyweni, siyofakazisa ukuthi uyini. Ukuphila kwakho njalo kubonisa ukuthi yini engaphakathi kuwe. Masinya, qiniseka ukuthi izono zakho azikufumani. Futhi yilokho esizama ukukusho.

557 UJesu wathi, kuJohane oNgcwele 5:24, "Ozwa," hhayi ukuthi oqhaqhazelayo, okhulumayo. O . . . "Ozwa iZwi laMi, futhi akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuPhakade, futhi akasayi ekwahlulelweni; kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni."

558 Ngukukholwa kwakho. Nokukholwa kwakho, kuvunywe ngezindebe zakho, kubonakalisa kubantu abangaba nakho ukuzwa, kodwa ukuphila kwakho kuvulekile phambi kwabo bonke. Ngakho, akunandaba ukuthi uzama kangakanani ukunyakaza *kanje* nokwenza *lokhu,* akusoze kwasebenza. Kufanele kube kuwe. Yilowomnyombo wendaba yonke. Ukukholwa okuqondene nawe kuKristu ovukileyo, njengoMsindisi wakho; ukuthi Ungakwesokunene sikaNkulunkulu, esebenza endaweni yakho kulokhu ukusa, njengoba usebenza endaweni yaKhe ezansi lapha njengofakazi. Ufakazi uzosebenza esikhundleni somunye, akumele njengofakazi. Futhi njengoba ukuphila kwakho kubonisa lapha ukuthi ubufakazi bakho buyini kuKristu, buyabonisa lapho futhi bubonisa lapha. Futhi Uphezulu lapho, njengalokho Ayikho ngawe, ubonisa kokubili lapho nalapha. Ngakho u . . . Ngokukholwa kwakho, usindisiwe, nalokho kuphela. Ngakho, amavuso, amadlingozi, ukuzwa, noma yini, akunandawo nhlobo kuLo. Manje, akusikho . . .

559 Manje, ningacabangi okungalungile, ukuthi angikholelwa kulamadlingozi. Impela. Kodwa esikukho manje, sizama ukubholela kulababantu balolusuku, akusiwo amadlingozi. UDeveli uthathe lezozinto wayesedlebeleka nabantu, ebavumela basekele isiphetho sabo saPhakade phezu kwamadlingozi. Ukumemeza, ukukhuluma ngezilimi, ukuya esontweni maSonto onke, wenza njengomKristu, lokho kungeke kube nokukodwa ukuthela ngalolosuku. "Uma umuntu engazalwa ngokusha."

Nokuphila kwakho kubonisa lokho oyikho ngaphakathi, niyabo, hhayi amadlingozi akho.

560 Ubungaba negazi ezandleni zakho, ubungakhuluma ngezilimi, ubungaphilisa abagulayo, ubungagudluza izintaba ngokukholwa kwakho, futhi awukabi–nto yalutho. KwabaseKorinte bokuQala 13. Niyabo? Kufanele kube yinto eyenzeka ngokuZalwa okuvela kuNkulunkulu, noNkulunkulu ungenisa ukuZalwa okusha kuwe, bese ekupha ingxenye yaKhe uqobo. Bese–ke lezozinto ziba njalo. Usungokudaliweyo okusha. "Ngibapha okuPhakade."

561 Sedlule egameni elithi "Phakade."*Kuze–kube phakade* yi "banga le sikhathi" I *Phakade* kungukuze kube phakade, kuze kube phakade naphakade, kodwa linye kuphela iPhakade. Futhi sithola ukuthi wemukela ukuPhila okuPhakade, negama lesiGreki lithi Zoe, okuchaza ukuthi "ukuPhila kuka Nkulunkulu." Futhi wemukela ingxenye yokuPhila kukaNkulunkulu, okukwenza indodana kaNkulunkulu yokomoya, futhi unokuphila okungunaphakade nje njengoba uNkulunkulu engongu naphakade. Awunakuphela, ayikho indawo yokuma, ngoba wawungenandawo yokuqala. Noma yini enokuqala inokuphela, nakho okungena kuqala akunakuphela.

562 Silithanda kakhulu leloZwi eliligugu! Ukuthi umKristu ufanele aqiniswe kanjani ekuKholweni okwanikelwa abangcwele kwaba kanye, futhi singashukunyiswa, sisuka endaweni siya endaweni, futhi sijoyina amasonto ehlukene. Noma iliphi isonto ofuna ukusonta kulo lilungile, inqobo nje uma ungumKristu. Kodwa kuqala beka into yokuqala, eyilokho kuZalwa okukwenza ube isihlobo somndeni kuNkulunkulu, njengoba uNkulunkulu waba isihlobo somndeni nawe.

563 Uba isihlobo somndeni, ukuze akuvuse. Ngaphambi kokuba Akuvuse, Uzofanele akunike ukuPhila okuPhakade. Khona–ke uNkulunkulu wadingeka ukuba abe isihlobo somndeni, ukuba athathe ukufa, ukuba akuvuse. Manje–ke ufanele ukuba ube yisihlobo somndeni kuYe, ukuze uye ekuvukeni. Niyabona ukuthi kuyini na? Kungukushintshanisana nje. UNkulunkulu waba nguwe, ukuze wena ubenguNkulunkulu. Niyabo? UNkulunkulu waba ingxenye yakho, inyama, ukuze wena ngomusa waKhe ube ingxenye yaKhe, yilokho kuphela, ukuba ube nokuPhila okuPhakade.

564 Isithombe esihle nje, futhi, o, siyakuthanda.

Manje, *uNkulunkulu, ethanda kakhulu . . .*

565 Wayengadinge kukwenza, kodwa Wayethanda ukukwenza. Ngijabula kakhulu ngalokho, anijabuli nina, ukuthi uNkulunkulu wethu uyathanda na? Bukani. Ukuba ke Waye—ukubake Wayengabekezeli na? Yini isithelo sikaMoya na? Uthando, ukujabula, ukukholwa, ukuthula, ukubekezela. Leyo ingxenye kaNkulunkulu ekuwe. Futhi ingaba nokubekezelelana,

ibekezelele imithwalo yomunye nomunye. Nithethelelana, njengoba uNkulunkulu ngenxa kaKristu uyanithethelela. UMoya kaNkulunkulu kuwe ukwenza ubengaleyondlela. Kwase kuthi ke ngenkathi uNkulunkulu elapha emhlabeni futhi waba nguwe, waba isono, ukuthi Yena ethatha isono sakho, wakuthwalela sona futhi wakhokha inhlawulo yakho ngaso. UNkulunkulu uyabekezela, ethwala imithwalo yethu.

566 Futhi manje ke UnguNkulunkulu omuhle. Uma ufuna, izinto ezithize ngendlela yakho, uyazi, uNkulunkulu muhle ngokwenele ukukwenza lokho. Uyathanda uku—ukukujabulisa. Uyafuna. U, Uluthando, nothando lwaKhe olukhulu luyaMphoqa ukuba ngisho aze ehlele ngezansi ngesinye isikhathi, ukuba akudedele ube nezinto ozifunayo.

567 Bukani uTomase, emva kokuvuka. UTomase wayengakholwa. O, unabantwana abaningi namhlanje. Kodwa uTomase wathi, "Qhabo. Qhabo. Ngizofanele ngibe nobufakazi obunye obubonakalayo. Ngizofanele ngifake izandla zami ohlangothini lwaKhe, nakweyaKhe i . . . iminwe yami ngapha ezandleni zaKhe, ngaphambi kokuba ngizoWukholwa. Mina, angikhathali ukuthi uthini." Niyabo, wayephume waphela enqubweni yomBhalo, ngaso lesosikhathi. Ufanele uWukholwe. Ngakho wathi, "Ngizofanele ngibe nolunye uhlobo lobufakazi obubonakalayo, ukuWufakazisa."

568 NoJesu wabonakala, Muhle, "Woza, Tomase, uma lokho kuyilokho okufunayo, awu, nakhu lapho okhona. Ungaba nakho."

569 Yileyo ndlela esiyiyo. Sithi, "Nkosi, ngifanele ngikhulume ngezilimi. Ngi—ngifanele ngimemeze. Ngifanele . . . "

570 "O, qhubeka, Ngizokudedela ube nakho." Inhle.

571 Ngakho wafaka izandla zakhe ohlangothini lwaKhe, wayesethi, "O, yiNkosi yami noNkulunkulu wami."

572 Wathi, "Manje, Tomase, uyakholwa selokhu ubonile. Kodwa mkhulu kangakanani umvuzo wabo ongenabufakazi obubonakalayo kodwa nokho aWukholwe!" Nakho lapho okhona. Yilapho esifanele sifinyelele khona. "Mkhulu kangakanani umvuzo wabo abangabonanga lutho kodwa nokho baWukholwe." Kuyisenzo sokukholwa, ukuthi siyaWemukela.

573 Manje, ngiyazikholwa izibonakaliso zilandela abakholwayo, kodwa sibeke kuqala izinto kuqala. Ungaba nazo izibonakaliso, ngaphandle kwaLokhu. UPawulu wathi wawungaba nakho. Wathi, "Bengingakhuluma ngolimi njengabo bobabili abantu neziNgelosi; angiyinto yalutho. Ngingagudluza izintaba ngokukholwa kwami; angiyinto yalutho. Bengingaqonda iBhayibheli, ngangokuthi bengingazi zonke izimfihlakalo zikaNkulunkulu; angiyinto yalutho." Niyabo, lokho yiziphiwo zikaMoya oNgcwele, ngaphandle kukaMoya oNgcwele.

574 UMoya oNgcwele unguNkulunkulu. UNkulunkulu uluthando, ukujabula, ukuthula, ukubekezela, ububele, ukukhuthazela. Lowo nguMoya kaNkulunkulu. Yilokho uNkulunkulu akuvusayo ngemihla yokugcina, ngalowo Moya.

575 Manje, "Engathandi . . . "

> . . .*uNkulunkulu,* ethanda kakhulu *kakhulu impela ukubonisa izindlalifa zakhe zesithembiso* . . .

> . . .*UNkulunkulu,* ethanda . . .*ukubonisa* . . . *izindlalifa* . . .

Ubani izindlalifa na? "Thina, ngokuba ngabafileyo kuKristu, sithatha iNzalo ka Abrahama, futhi siyizindlalifa." O, ngabe lokho kuyazika na? Siyizindlalifa zoMbuso kaNkulunkulu, ngesithembiso esifungelwe. UNkulunkulu wayengadingekile ukuba afunge. IZwi laKhe liphelele. Kodwa Wafunga, futhi, ngaYe, ngokuba wayengekho omkhulu kunaye.

576 Njengoba sifunda siqhubeka, umzuzwana nje, lalelani.

> . . .*isithembiso sokungaguquleki kwecebo lakhe, wasiqinisa ngesifungo:*

577 "Ukungaguquleki," okungashintsheki. UNkulunkulu angeshintshe. Uzofanele ahlale efana. Futhi uma uNkulunkulu aphilisa umuntu oyedwa ogulayo, Angesishintshe neze isimo saKhe. UNkulunkulu uthethelela isoni esisodwa, isifebe esisodwa, Angesishintshe isimo saKhe. Ukungaguquleki, ukungashintsheki kweZwi likaNkulunkulu. UNkulunkulu wathi, endaweni eyodwa, "NgiyiNkosi ephilisa zonke izifo zenu." Uzofanele ahlale naLo, ngokuba Ungongenasiphelo. Wayazi kuya ekupheleni kusuka ekuqaleni.

578 Manje, mina ngingathi, "Ngizokwenza *lokhu*." NeBhayibheli lathi, besifanele sithi, "Uma iNkosi ithanda." Ngoba, ngingofayo. Angazi. Ngezinye izikhathi ngidingeka ngilihoxise izwi lami, kodwa uNkulunkulu angelihoxise elaKhe. UnguNkulunkulu.

579 Futhi Wacela into eyodwa kuphela, "Uma ukholwa." O, he! "Uma ungakholwa, konke kungenzeka." "Uma ukholwa," yilokho kuphela. "Wena, uma unga," nanko umbuzo. Kodwa umbuzo awukho eZwini likaNkulunkulu, ngoba, ukungaguquki kwaKhe, angeshintshe. Kuhle kanjani!

580 Manje lalelani, njengoba sifunda sehla.

> *Ukuze ngezinto ezimbili ezingeguquleke, kungenzeke uNkulunkulu angeqambe amanga ngazo,* . . .

Akunakwenzeka! Ukungenakwenzeka nokungaguquleki ngempela kuyigama elifanayo; kungeshintshe, kungegudluke. Kuzofanele kuhlale kufana njalo njalo. Kungeshintshwe, ukungaguquleki nokungenzeke.

Nokubili, *ngezinto ezimbili ezingeguquleke, kungenzeke uNkulunkulu angeqambe amanga ngazo,* . . .

"Sinezinto ezimbili?" Yebo. Kuqala, iZwi laKhe lathi Wayezokwenza. Okwesibili kwakuyisifungo saKhe esifungelwe, Wayezokwenza. O, he!

581 Hlobo luni lwabantu esifanele sibe yilo na? Kungani sifanele sishukunyiswe futhi sigijinyiswa, futhi sithatha izinto zezwe futhi senza njengalobubuKristu bohlobo olucuthene luka 1957 na? Sifuna ukuba uhlobo oluyifeshini endala oluthatha uNkulunkulu eZwini laKhe, futhi sibize lezozinto ezazingekho, ngokungathi zazikhona. "Uma uNkulunkulu asho njalo, Lokho kuyakuxazulula."

582 UAbrahama, owanikwa isithembiso, kuye neNzalo yakhe, wabiza izinto ezazingekho, ngokungathi zazikhona. Ngokuba, Kwakuyisithembiso sikaNkulunkulu, azi ukuthi uNkulunkulu wayengenakuqamba amanga. Wamethembisa lokho, futhi wakuKholwa. Futhi lapho iminyaka yedlula, nesithembiso sabonakala siqhela, esweni lemvelo, Sisondela kakhulu kuAbrahama.

583 Esikhundleni sokuba buthakathaka, futhi athi, "'Awu, mhlawumbe ayikho into okuthiwa ukuphilisa kukaNkulunkulu. Mhlawumbe ngiphunyukile. Mhlawumbe ayikho into enjalo. Mhlawumbe ngibe nephutha kukho konke ukucabangela kwami." Manje-ke, lokho kubonisa into eyodwa, ukuthi awukazalwa ngokusha. "Ngokuba ku . . . "

584 Siqedile ngeSonto eledlule, ukuqhubekela kancanyana nje emuva esahlukweni. "Ngokuba akunakwenzeka ukuba umuntu oke wanambitha iziphiwo zaseZulwini nezinto, ukuba awe, futhi ukuba azivuse ekuphendukeni." Ngokoqobo, akunakwenzeka nhlobo!

> Ngokuba lowo *ozelwe nguNkulunkulu aka* futhi angeke *ona; ngokuba imbewu* kaNkulunkulu ihlala *kuye: akanakona,* . . .

INzalo kaNkulunkulu iyiZwi likaNkulunkulu. "Ukukholwa kuvela ngokuzwa, ukuzwa iZwi, 'umHlatshelo wenziwa. Sekuphelile.'"

585 Manje, uma wenza okungalungile, uNkulunkulu uyokwenza ukhokhe ngakho. Kodwa uma ukwenza, unephutha, awukwenzi ngamabomu. Isahluko 10, ivesi 47, ngiyakholwa, "Ngokuba uma sona ngamabomu emva kokuba sesemukele ukwazi kweQiniso." Kodwa emva kokuba usuke waZalwa, usuneQiniso; hhayi ukwazi kwaLo, kodwa sewemukele iQiniso futhi Liba ngokwangempela. Futhi ungumntwana kaNkulunkulu, ngokwesikhathi nePhakade. UNkulunkulu wafunga ukuthi Wayezokwenza.

586 UJesu wathi, "Ozwa amaZwi aMi, akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okungunaphakade, futhi Ngiyakumvusa ngomhla wokuphela. Akasoze aya ekwahlulelweni. Wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni." Manje ngesifungo esinjalo, "UNkulunkulu ethanda ukuba siKwemukele."

587 Manje bhekisisani ukuthi uthini lapha, uPawulu ekhuluma e—ebandleni.

> *. . .kungenzeke uNkulunkulu angeqambe amanga, Si* fanele *sibe–nenduduzo enamandla, . . .*

Akusikho ukuthi, "Awu, uma amaBaptisti engangiphathi kahle, ngizoya kumaMethodisti." Niyabo?

> *. . .Si* fanele *sibe–nenduduzo enamandla thina obalekele thina esibalekele ekulibambeni ithemba esilimiselweyo:*

588 Manje ekufundweni kwelokugcina.

> *Esinalo njengehange lomphefumulo, . . .*

> I *themba,* isifungo sikaNkulunkulu esifungelw*e, esinalo njengehange lomphefumulo, liqinile ligxilile, lingena kokungaphakathi kweveyili.*

589 Ake sikhulume umzuzwana nje ngokuthi "iveyili." Asilitholanga kahle kakhulu ngeSonto eledlule ebusuku.

590 "Eveyilini." Iveyili inyama. Iveyili yilokho okusivimbela ukuba sibone uNkulunkulu, ubuso nobuso, kulelibandla. Iveyili okusivimbela ukubona iziNgelosi ezindaweni zazo kulokhu ukusa, zimi ngasezihlalweni. Iveyili yilokho okusivimbela ekuMboneni. Sifihlwe emva kweveyili, naleyo veyili inyama. Singamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, siseBukhoneni bukaNkulunkulu, "IziNgelosi zikaNkulunkulu zimise nxazonke kulabo abaMesabayo." SiseBukhoneni bukaNkulunkulu, ngaso sonke isikhathi. "Angisoze nganishiya, Angisoze nganiyekela. Ngiyakuba nani njalo, kuze kube sekupheleni." Kodwa iveyili yinyama, yilokho okusivimbela eBukhoneni baKhe. Kodwa ngomphefumulo, uMoya, ngokukholwa kwethu siyazi ukuthi uyasiqaphela. Umi ngakithi. Ulapha manje.

591 Ezansi eDotayini, ngokunye ukusa, umprofethi omdala wayekakwe yimpi nenceku yakhe yaphuma yase ithi, "O baba, lonke izwe likakwe abezizwe."

592 NoElija wasukuma, wayesethi, "Ngani, ndodana, baningi abanathi kunalabo abanabo."

593 Awu, wacwayiza ngamehlo akhe wayeseqalaza. Wayengaboni lutho.

594 Wathi, "Nkulunkulu, ngithanda ukuba Uvule amehlo akhe, ususe iveyili." Futhi ngenkathi iveyili iqathaka phezu kwamehlo akhe, ngokuzungeza kulowo mprofethi omdala kwakuyizinqola

zomlilo, izintaba yayivutha uMlilo neziNgelosi nezinqola. Nakho lapho okhona.

595 O, khona uGehazi wayengathi "Ngi—ngiyaqonda manje." Niyabo, iveyili yaqathaka. Silapho–ke isithiyo.

596 Nakho. Kubambisiseni. Iveyili yilokho okusivimbela singaphili ngendlela esifanele ngayo. Iveyili yilokho okusivimbela ekwenzeni izinto esifuna ngempela ukuzenza. NoNkulunkulu wambozwa ngeveyili enyameni, neveyili yadatshulwa yabakabili. NoNkulunkulu waba nguNkulunkulu futhi, futhi Wavusa iveyili AyeZifihle kuyo. Lokho ngukuvuka kweNkosi uJesu. Efakazisa kithi ukuthi, kuleveyili esifihlwe kuyo manje, ngokukholwa siyaLikholwa futhi siyaLemukela. Futhi uma *le*veyili idatshulwa ibakabili, ngiyoya eBukhoneni baKhe nginalesisiqiniseko, ngazi ukuthi, "NgiMazi emandleni okuvuka kwaKhe." EkuFikeni kweNkosi uJesu, leveyili iyovuswa futhi, ngendlela ephelelisiweyo, ngiyoze ngihambe futhi ngikhulume naYe njengoMsindisi wami noNkulunkulu wami, uma Esethatha isihlalo sobukhosi sikaDavide. Futhi siyophila kuze kube–phakade kuleveyili emva kokuba isiphelelisiwe, kodwa leveyili inesono kuyo. Akunandaba ukuthi kanjani . . . ungalokothi ucabange ngalowomzimba okhazimulisiweyo kulomhlaba. Ufanele ufe, okufanayo njengoba umphefumulo wakho uzofa, ukuba uzalwe ngokusha.

597 Ekupheleleni, hhayi ukudla izinyama, nokwenza *lokhu*, nokuphelelisa umzimba, awusoze waba naLo. Futhi ufanele uyeke *lokhu*, futhi wenze *lokhu,* futhi wenze *lokhu,* futhi wenze *lokhu,* lokho ngumthetho. Lokho ngabagcina umthetho ngokweqile. Asikholelwa ezinhlobweni zangomthetho zensindiso. SiyaKukholwa ukuthi ngomusa sisindisiwe. Futhi akusuwe. Awuhlangene ngalutho nakho. Ukhetho lukaNkulunkulu olukwenzayo. "Akekho ongeza kiMi uma uBaba waMi engamdonsi." Kunjalo. Futhi U . . . Kuphela uJesu azela ukukwenza kwakungukuba athole laba uBaba ayebazi ngaphambili; futhi wabamisela ngaphambili ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Babangamadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Amen. "Akuyi ngogijimayo, noma othandayo, kodwa nguNkulunkulu ohawukelayo." UNkulunkulu okwenzayo. Ungeke waqhosha, nhlobo. Akukho–nto owayenzayo. UNkulunkulu, ngomusa, wakusindisa; hhayi wena, qobo lwakho. Uma ukwenza, unento ongaqhosha ngayo. Kodwa awuna–nto yokuqhosha. Zonke izindumiso iyakuYe. NguYe. Manje–ke Ukunika ithemba eliqinisekileyo, "Wafunga ngesifungo, okungenakwenzeka ukuba abantwana baKhe bake balahleke."

598 Manje, bathola ukubhaxabulwa ngokwenza okungalungile. Uvuna okutshalayo. Uthola lokho. Ungacabangi manje ukuthi uyaphuma nje futhi wone, uzedlulele nakho. Uma wenza, futhi unalesosimo, kukhombisa ukuthi awukaze uzalwe

ngokusha. Niyakuthola na? Uma usenesifiso kuwe, sokwenza okungalungile, khona–ke usalokhu ungakalungi. Niyabo? "Ngoba Uphelelise, njalonjalo, labo o . . . Nalezozidalwa phansi kweTestamente eliDala, phansi kwezinsuku zomthetho, kwakunikelwa minyaka yonke, njalo njalo, kwakungenakusisusa neze isono." Kodwa uma sibeka izandla zethu phezu kwekhanda laKhe, futhi sivuma izono zethu futhi sizalwe ngokusha ngoMoya kaNkulunkulu, asisenaso isifiso sesono. Isono sesedlulile kuwe. Lokho kungokwesikhathi nePhakade.

599 Uyowenza amaphutha. Uyowa. Uyokwenza okungalungile ngamabomu. Uyophuma ngesinye isikhathi futhi wenze izinto. Lokho akusho ukuthi ulahlekile. Lokho kusho ukuthi uzotholwa ukuqondiswa.

600 Umfanyana wami, izikhathi ezininginingi, abantwana bami, bayokwenza izinto. Nowakho uyayenza, naye. Ukuthi wena . . . Bayazi ukuthi kuphambene nemigomo yakho—yakho. Futhi bayazi ukuthi yini ebalindele uma bekwenza. Bazothola ukubhaxabulwa ngakho, mhlawumbe okuhle. Kodwa kusalokhu kungumntanakho. Impela.

601 Akunakwenzeka kulowomuntu ukuba abuye amuke futhi, oke wazalwa ngukuPhila okuPhakade. UNkulunkulu akasuye umuphi weNdiya. "Ozwa amaZwi aMi, akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okungunaphakade; futhi akasayi ekwahlulelweni, kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni. Ngiyakumvusa ngemihla yokuphela." Leso yisithembiso sikaNkulunkulu.

602 Manje uma uqhubeka, uthi, "O, awu, khona–ke ngingenza nje . . . " Ngenza njalo engifuna ukukwenza. Kodwa uma ungumKristu, awufuni ukwenza into engalungile, ngoba khona impela ukuPhila okukuwe, sona impela isisekelo. Uma ufuna ukwenza okungalungile, kukhombisa ukuthi into engalungile iphakathi *lapha*. "Kungenzeka kanjani ukuthi amanzi ababayo namnandi aphume emthonjeni ofanayo na?"

603 Ngakho benixovekile ngakho konke, kolunye uhlobo lwedlingozi noma enye into engakholekiyo, elinye ivuso. Kukhohlwe. Buyela ealtare bese uthi, "Nkulunkulu, susa impilo yami endala enesono, bese ungibeka esimweni esingangokuthi sonke isifiso sami . . . "

"Ozelwe nguNkulunkulu akoni." Kunjalo. Akanasifiso sokwenzenjalo.

604 Impela, uDeveli uyomcupha *lapha* na*lapho,* kodwa hhayi ngamabomu. IBhayibheli lasho njalo. UDeveli uyomcupha, ngasikhathi. Impela, uyomcupha. Wazama ukuphosa izicupho zeNkosi yethu uJesu. Wakwenza kuMose, futhi wambamba. Wakwenza kuPetru, futhi wambamba. Wakwenza kwabaningi.

Kodwa uPetru waMphika ngisho, kodwa ke wahamba futhi wakhala kamunyu. Kwakukhona okuthize kuye.

605 Ngenkathi ijuba likhishwa emkhunjini . . . Igwababa laphuma, lase lihamba likhala. Lalisemkhunjini kahle, kodwa ngenkathi liphuma, imvelo yalo yayehlukile. Lalikwazi ukudla zonke izidumbu ezindala ezifile elalizifuna, futhi leneliswa. Ngani na? Laliligwababa, kwasekuqaleni. Lalingumthuthambi. Lalingalungile. Lalingumzenzisi owahlala othini nejuba, lilikhulu nje njengoba ijuba lalinjalo. Lalikwazi ukundizela noma yikuphi lapho ijuba elalingandizela khona. Kodwa lalikwazi ukudla ukudla okuhle njengoba nje ijuba lidla. Futhi ke lalikwazi ukudla ukudla okubolile, lokho ijuba elalingenakukudla. Ngokuba, ijuba lithakwe ngokwehlukile. Lenziwe ngokwehlukile. Liyijuba. Nejuba ngeke lakugaya ukudla okubolile, ngoba alinanyongo.

606 Nowesilisa ozelwe nguMoya kaNkulunkulu uba yijuba likaNkulunkulu, imvelo yakhe, ukuguquka kwakhe, ukwenziwa kwakhe. Yebo, mnumzane. Faka umoya we—wejuba egwababeni, alisoze lahlala phezu kwesidumbu. Uma lehlele phansi ngephutha, impela beliyosuka ngokushesha. Belingeke lakumela. Nowesilisa ozelwe nguMoya kaNkulunkulu, akabekezeli. Angahle ehlele ebhareni ngesinye isikhathi, kodwa uyophuma lapho ngokushesha. Owesifazane angahle amyenge, amenze aguquleke, kodwa uyofulathelisa ikhanda lakhe futhi. Uyosuka lapho ngokushesha. Ngani na? Uyijuba. Kunjalo. Awuzukumenza isithutha, ngenxa yokuthi yena uyazi. "Izimvu zaMi ziyalazi iPhimbo laMi, nomfokazi azisoze zamlandela." Uyijuba, kwasekuqaleni. Yilapho engikhuluma khona, into yangempela egxilisa okwehange lapho.

607 Bhekisisani manje. "UNkulunkulu wafunga." O, ku . . .

> *Ithemba esinalo njengehange lomphefumulo, kokubili . . . ligxilile, lingena Kokungaphakathi— kokungaphakathi okuyiveyili;*

608 "Iveyili." UNkulunkulu wehla, embozwe ngeveyili enyameni. Ukwenzani na? UkuZibonisa. Wadingeka azifihle, ngoba sasingenakuMbona. Futhi Wazifihla emva kweveyili. Neveyili lalingubani na? UJesu. "AkusiMi owenza imisebenzi, uBaba waMi," kwasho uJesu. "UBaba waMi uhlala kiMi. Ngiyasebenza. UBaba uyasebenza, naMi ngiyasebenza kuze kube manje." Nangu enjeNgombozwe ngeveyili, ehamba enyameni, uNkulunkulu, uEmanuweli, uNkulunkulu unathi. "UNkulunkulu wayekuKristu, enza ukuba izwe libuyisane naye." Nangu, ehambahamba.

609 Manje, Wehla wayesenza ukungcwelisa, noma ukulungiselela, noma inhlawulo, ukuthi ngokufa kwaKhe wanikela, wakhokha inani lesono, ukuze Akwazi ukubuya futhi ahlale kithi. Khona–ke ukukholwa esinakho kunguku—

kungukukholwa okumbozwe ngeveyili, noma umuntu ombozwe ngeveyili. Ngakho–ke asibuki izinto esizibona kuleveyili. Iveyili inezimfundo, futhi yenza izinto futhi ikhuluma izinto. Iyinto yesayense. Kodwa uMoya kaNkulunkulu ophilayo ohlala phakathi lapha, ubiza lezozinto ezazingekho, ngokungathi zazikhona, uma uNkulunkulu asho njalo. Nakho ukumbozwa kwakho ngeveyili. Siseveyilini.

610 Manje, ngoluny'usuku Uyovusa leveyili, engazalwa ngowesifazane ngesifiso socansi lowesilisa nowesifazane, kodwa ngentando kaNkulunkulu Uyokhuluma futhi uyofezeka. [UMfowethu Branham, ushaya umunwe wakhe—Umhl.] Khona-ke siyoba nomzimba njengomzimba waKhe uqobo okhazimulisiweyo. Siyombozwa ngeveyili, ukuze sikwazi ukukhulumisana, sixhawulane.

611 Manje, uma sisuka lapha, kunetabernakele, umzimba–moya, umfanekiso womuntu nje, ongadli, ongaphuzi, ongalali, uphapheme njalonjalo. Yilapho esiya khona. Kodwa balinde phansi kwe Altare, bememeza, "Nkosi, koze kube nini na? Koze kube nini na?" ukuba sibuye sehle. Ngoba, bafuna ukuxhawulana. Bafuna ukuhlala phansi futhi badle, futhi baxoxisane. Bangumuntu. Alibusiswe iGama leNkosi!

612 Ngenkathi uNkulunkulu enza umuntu ngomfanekiso waKhe uqobo ekuqaleni, Wamenza kanje. Wayehlanganyela omunye nomunye, ngoba siyazana. Sithanda izinto uNkulunkulu asenza zona, ngoba senziwa kanje. EkuFikeni kwaKhe okukhulu, labo asebelungele bayoba kanje njalo njalo. Ukungafi, siyoma ekuMfuzeni. O alibusiswe leloGama likaKristu!

613 Futhi manje sinesibambiso sokusindiswa kwethu, njengoba siMemukela njengoMsindisi oqondene nathi, njengomphilisi wethu. Zonke lezi ezinye izinkokhelo ziyisabelo sezimali ekhokhwe kwipholisi yomshwalense. Amen. Niyazi ukuthi ipholisi yomshwalense yini. Ungahola isabelo sezimali kuyo kuze kufike imali yephepha. Impela. Ungahola esabelweni sezimali. Futhi sihola isabelo sezimali manje. Kuphela, into, masinya lapho uhola isabelo sezimali, inkokhelo iyakhiwa futhi.

614 Umsebenzeli womshwalense, ngesinye isikhathi, wathi kimi, "Billy, ngithanda ukukudayisela umshwalense."

Ngathi, "Nginawo." Umkami wangiqalaza ngapha nangapha.

615 Manje, akukho okuphikisana nomshwalense. Kodwa abanye abantu ba "mpofu ngomshwalense." Ngakho, bajika. Wathi . . .

616 Umkami wangibuka, emangele, "Unomshwalense?"

617 Ngathi, "Impela." Wayengazi lutho ngawo.

618 Wathi, "Awu, Billy, nhloboni yomshwalense onayo na?"

619 Ngathi:

Isiqiniseko esibusisiweyo, uJesu ungowami!
O, isandulela esinje pho sobuNkulunkulu benkazimulo!
Indlalifa yensindiso, ethengwe nguNkulunkulu,
Ezelwe nguMoya waKhe, yagezwa ngeGazi laKhe.

620 Wathi, "Lowo muhle kakhulu, Billy," wathi, "kodwa ungeke ukubeke enhla lapha emathuneni."

621 Ngathi, "Kodwa Uyongikhipha. Yileyo into enkulu." Angikhathazekile ngokufika lapho; ngikhathazeke ngokuphuma.

622 Futhi njengalokhu nginomshwalense, ngoNkulunkulu wePhakade ofungile, ukuthi Uyophinda angivuse ngifuze iNdodana yaKhe, ngomuhla wokugcina, ngiyohamba ngesibindi futhi nginenduduzo nehange lomphefumulo, ukuthi, ngisekuleveyili kuneNto ethize engabonwa yangigxilisa okwehange eDwaleni leminyaka ngaleya. Ngenkathi amanzi amaningi egxuma futhi eqhuma, akwenzi–mehluko. Uma ukufa, izingozi, kumbe noma yini, akusehlukanisi nothando lukaNkulunkulu. Ihange lami liyabambelela phakathi kweveyili. Makuqubuke izikhukhula. Masifuhleleke. Makufike abaphikinkolo. Ikholwa elizelwe ngokusha linehange. Ungeke wabona ngale kwaleliveyili okwamanje. Kodwa ngiyazi ihange lami libambelele ngaleya eDwaleni leminyaka, Oyisithembiso esifungelwe ukuthi Uyongivusa ngomuhla wokuphela.

623 Akumangalisi ungakubuka ebusweni ukufa, futhi uthi, "Luphi udosi lwakho na? Thuna, kuphi ukunqoba kwakho na? Kodwa makabongwe uNkulunkulu osinika ukunqoba ngeNkosi yethu uJesu Kristu." SisesiGijimini esandulelayo. O, he! (Asizukufika esifundweni.) Sibe nesiGijimi sethu esandulelayo.

624 Isigijimi esandulelayo. Senake naqaphela ngezinsuku zakudala zasentshonalanga. Izikhathi eziningi ngihambe nganqamula imizila emidala. Isigijimi esandulelayo, noma ivulandlela na? Ngenkathi isitimela senqola sibhubha, ngenxa yamanzi, ivulandlela lagijimela phambili. Futhi labona izizwe zamaNdiya; lazedlula. Lase libona lapho okwakukhona umthombo wamanzi. Laphuthuma emuva ukuyotshela ubasi ngesitimela senqola, "Yenyusani amahhashi, wonke umuntu akame isibindi, ngokuba ngale nje kwentaba kunomthombo omkhulu wamanzi." Uyisigijimi esandulelayo.

625 Futhi lapha, isiGijimi esandulelayo. Umuntu wake waxozomelwa nguDeveli, phansi komlilo osheshayo, kodwa ukhona Umuntu owathatha isidleke somshini–gani. Lowo kwakunguJesu. IsiGijimi esandulelayo sihambe phambi kwethu. NoSathane umi lapho nomshini–gani, esixozomela, njalo ebugqilini futhi wasesabisa ngokufa. Wayegade lowoMthombo.

Impela, wayenjalo. Wanikwa umsebenzi wokuthunywa, ngoba sasonile futhi saxoshwa kuWo. Kodwa isiGijimi esandulelayo, uKristu, uyangena futhi wathatha isidleke.

626 Nilizwile leloculo elidala, "Bamba isikaniso, ngokuba ngiyeza"? Bamba isikaniso, lutho; asisithathe. Asisafuni ukuphinde sisibambe. UKristu wathatha isikaniso. Haleluya! Umnyango uvulekile. "KunoMthombo ovulekile endlini kaNkulunkulu, emzini kaDavide, ukuba uhlanze, wokuhlanzeka kongahlanzekile." IsiGijjmi sethu esandulelayo sesivele sisingenele.

627 IsiGijimi esandulelayo, Siyasitshela, "Kunendawo nje ngapheseya le, ngaleya, lapho ongasoze uguge khona." Lapho okungayikubakhona imibimbi, lapho ongeke usebenzise khona izimonyo zikaMax Factors ukukwenza ubukeke kahle kumyeni wakho. IsiGijimi esandulelayo sihambile. Ayikho neze indawo lapho oguga khona futhi ukhandleke futhi uqhaqhazele. Kunendawo lapho ongasoze ugule khona. Lapho ingane ingasoze khona yaba nobuhlungu basesiswini. Lapho ongasoze khona waba nelokufakelwa . . . noma izinyo, ukuthola elokufakelwa. Haleluya! O alibusiswe iGama laKhe! Wangena phakathi, futhi singenakufa siyoma ekuMfuzeni, ngoluny'usuku ngaphesheya le. Izinkanyezi nelanga kuyedlulwa ngokukhanya. Impela. IsiGijimi esandulelayo sihambe phambi kwethu.

> . . . *uJesu, eyisigijimi sokusandulela* usehambile, *wangena khona, esewaba ngumpristi omkhulu kuze kube–phakade ngokokuma kukaMelkisedeki.*

628 LesisiGijimi esikhulu esandulelayo sihambe ngaphambi kwethu, senza indlela. Ufika ekubeni ngumoya, imithombo emikhulu yothingo lwenkosikazi lukaNkulunkulu, owayengenakuqala noma nakuphela. Wayekhona, kuze kube–phakade, uNkulunkulu.

Lomsebe wokuKhanya waphuma. Kwakungumsebe wothando, lowo ngomkhulu, obomvu. Umbala olandelayo uyalandela, owawungol'hlaza's'bhakabhaka; l'hlaza's'bhakabhaka, ubuqiniso. Olandelayo, owalandela emva kwalowo kwakungeminye imibala, kuze kuyofika emibaleni eyisikhombisa ephelele, okuyimimoya eyisikhombisa kaNkulunkulu, eyasuka kulowoMthombo omkhulu noma leloDayimane elikhulu uJesu akhuluma ngalo. LeloDayimane elikhulu laqhezulwa, ukuze libonise lemibala. UNkulunkulu waba yinyama wakha phakathi kwethu, ukuze Abonise ubuvi baKhe nesihawu phakathi kwethu, ngeziphiwo nezibonakaliso nezimanga.

Lolothingo lwenkosikazi olukhulu lonke lwase luphenduke lwangena emzimbeni–moya, owenziwe ngomfanekiso njengomuntu. Nokho, Wayengesuye umuntu; Wayengenayo inyama, nokho. Wayengumzimba–moya.

629 UMose wathi, "Ngithanda ukuKubona." UNkulunkulu wamfihla edwaleni.

630 Futhi ngenkathi Edlula, Waphenduka ngomhlane waKhe. UMose wathi, "Kwakubukeka njengomhlane womuntu."

631 Kwase kufezekani–ke na? Ngoluny'usuku ezansi lapho, ngenkathi uAbrahama wayehlezi ethendeni lakhe. Sizofika kukho, kulobubusuku. Ngenkathi uAbrahama ehlezi ethendeni lakhe, uNkulunkulu wenyukela kuye, esemzimbeni wenyama.

"O," wena uthi, "Mfowethu Branham, waye . . . "

632 SizoMthola phandle lapha ehlangana noAbrahama ngaphambi kwalokho, ngokuma kukaMelkisedeki, umzimba wenyama, okwabe kunguNkulunkulu. Impela, kwakunguye. WayenguNkulunkulu enyameni.

633 Wena uthi, "Manje–ke, Mfowethu Branham, kungani Adingeka ukuba abuye futhi azalwe na?"

634 Wayengakazalwa ngalesosikhathi. Wayesadaliwe nje, umzimba Ayehlala kuwo. UMelkisedeki wayeyiNkosi yaseSalema, okuyiNkosi yaseJerusalema, okuyiNkosi yokuthula, owayengenayise engenanina, ukuqala kwezinsuku noma ukuphela kokuphila.

UJesu wayenakho kokubili uyise nonina, nokuqala kwezinsuku nokuphela kokuphila. Kodwa Wenziwa "ngokuka" Melkisedeki, owayengenakuqala kwezinsuku noma ukuphela kokuphila.

635 UMelkisedeki wayenguNkulunkulu uqobo lwaKhe. UMelkisedeki wayenguJehova uNkulunkulu, Yena lowo owahlangabezana noAbrahama, iminyaka kamuva, phambi kwethende lakhe. Wayemfulathele; Wathi, "Uhlekeleni uSara na?" Kunjalo. WayenguYe owama lapho, ebuka ngaphesheya kweSodoma. UAbrahama waMqonda, ngoba ngaphakathi kweveyili lakhe kwakuyihange libambe lesosithembiso. Hhayi ngoba wayenevuso elithize, kodwa uNkulunkulu wamenzela isithembiso. Futhi ngenkathi exhumana nalowozibuthe omkhulu, wayazi ukuthi Kwakukuleyonyama.

636 Waphuma noAbrahama, phandle lapho uphisi omncane. Watshela uAbrahama. Wathi, "Ngokubona lokho, Ngizozifihla yini lezizinto kuAbrahama, ukubona ukuthi uyindlalifa yezwe na? Ngeke nje ngakwenza." Ngakho, "Abrahama, Ngizokutshela ukuthi ngisendleleni yaMi ukuyokwenzani," siyakucosha kulobubusuku, "ezansi lapho eSodoma," nokuthi kuyini ababezokwenza. Futhi kwathi nje Angambusisa uAbrahama, Wabuyela emuva wangena emkhathini futhi. Indoda eyama lapho futhi yayinothuli ezingutsheni zaYo, indoda. Futhi akusikho lokho kuphela, kodwa Idla inyama yethole elabulawa nguAbrahama, futhi iphuza ubisi oluvela enkomazini, futhi idla

amaqebelengwana (isinkwa sommbila), futhi lalinebhotela kulo. Kunjalo impela. Yase ibuye iba ngumzimba–moya futhi.

637 Kwakuyini na? Akakuthathanga ngani ngalesosikhathi na? Wayengakaze azalwe njengawe nami. Kodwa Wayefanele azalwe enyameni, ukuze Abambe lesositinyeli. Lowo kwakungumzimba odaliwe. Lowo kwakungumzimba nje Adonsa isakhimzimba ikhalsyamu nesakhimzimba ipotashi emhlabathini, wayesethi, "Whwiwu," wayesengena kuwo. Leyo kwakuyinto efanayo uMelkisedeki ayeyiyo. Wangena kuye, emzimbeni Ayekwazi ukuphuma phambi kwakhe phansi kweveyili, kweveyili yokudaliweyo kwaKhe uqobo; hhayi iveyili lokudaliweyo kowesifazane, ngesizalo sowesifazane, nge—ngenqamuzana lokuphila, neze. Kodwa Wadala lona futhi waphuma wangena kuwo, wayesekhuluma, ngokokuma kukaMelkisedeki.

638 Ubani loMelkisedeki na?

> *Ngokuba uMelkisedeki lo, inkosi yaseSalema,* (okuyiJerusalema), inkosana *kaNkulunkulu ophezukonke,* impela*, owahlangabeza uAbrahama ebuya ekubulaleni amakhosi, wambusisa;*
>
> *UAbrahama* umabela *okweshumi kukho konke; yena ogama lakhe lithi ukuhunyushwa kwalo iNkosi yokulunga,* (lolothando olukhulu, uthando, lowoMoya omkhulu ekuqaleni)*. . . yiNkosi yokulunga, . . . bese . . . yiNkosi yaseSalema, okungukuthi, iNkosi yokuthula;*
>
> *Engenayise, engenanina, engenaluzalo, engenakuqala kwezinsuku,* noma ukuphela *kokuphila; . . .*

639 Kwakungubani na? Akazange azalwe, Akasoze afa. Ubani na? KwakunguNkulunkulu, impela, kwakunguye, ekubikezelweni kweNkosi uJesu. Impela kwakunguye. Kodwa Wayedingeka afike ngowesifazane, ngohlelo ofika ngalo ngowesifazane. Futhi Wayedingeka afike ngendlela ofika ngayo, ukuze akubuyisele kuYe. Haleluya!

> Umusa omangalisayo, umsindo omnandi kangaka,
> Owasindisa ompofu, oyimpumputhe elusizi njengami!
> Ngangilahlekile, kodwa manje sengitholiwe, ngomusa waKhe,
> Ngangiyimpumputhe kodwa manje sengiyabona.

640 Ngiyaqonda ukuthi Wadingeka enzeni. UNkulunkulu waba yimi, ukuze kuthi mina ngomusa ngibe ngowaKhe. Uthathe izono zami, ukuze kuthi ngokulunga kwaKhe ngibe nokuPhila okuPhakade. Ngangingenakuzikhetha mina. Imvelo yami yayiyisoni. Akukho engangingakwenza ngakho. Nga "zalwa yizwe, ngabunjwa ebubini, ngifika ezweni ngikhuluma amanga."

Kungekho ngisho nethuba, nhlobo; lutho, kungekho ngisho nesifiso.

641 Tshela ingulube ukuthi yenza "kabi, ngokudla ingxavungxavu," ungayitshela na? Ubone ukuthi iyokulalela kakhulu kanjani. Tshela igwababa ukuthi lenza "kabi, ngokudla isidumbu esifile," bese ubona ukuthi liyokutshela ukuthini. Ukuba belingakhuluma, "Naka owakho umsebenzi." Ngempela.

642 O, kodwa umusa kaNkulunkulu owaguqula lemvelo, futhi unginika ithuba ukuba ngifise futhi ngibe nokuzondelela nokuthi ngome, "Uthando lwaKho, ubumnene, kungcono kimi kunokuphila, O Nkulunkulu. Inhliziyo yami iyolangazelela Wena."

643 UDavide wathi, "Njengendluzele ilangazelela amanzi omfula, ngakho umphefumulo wami womele Wena, O Nkulunkulu."

644 UNkulunkulu wanika umuntu lokho koma, ukuba aMkhonze, ukuba athande, aMfune. Kodwa umuntu ukuphendukezela ngokubiza kukaDeveli, futhi uyahamba futhi akhanukele abesifazane nezinjabulo nezinto zezwe, ezama ukwenelisa lokho okudaliweyo okungcwele uNkulunkulu akufakile, ukuMthanda. Ukubeka phezu kwezinto zezwe. Kodwa, mfowethu, uma eke waguqulwa, nalowomthombo ononoshobishobi kuwo, zonke izinhlobo zo—zobucakacaka bethangwe, sekuhlanziwe futhi kwabulawa amagciwane, namsulwa Amanzi kaNkulunkulu afakwa lapho, isono asisoze salithinta. Amen.

O ngiMthanda kangaka! NgiMdumisa kangaka!
Impilo yami, ukukhanya kwelanga kwami, owami oyikho konke kukho konke!
UMdali omkhulu waba nguMsindisi wami,
Nakho konke ukugcwala kukaNkulunkulu kuhlala kuYe.

Phansi evela enkazimulweni yaKhe, indaba ephila njalo,
UNkulunkulu wami noMsindisi wafika, neGama laKhe lalinguJesu.
Wazalelwa emkhombeni, kwabaKhe uqobo eyisihambi,
UNkulunkulu wosizi, izinyembezi nobuhlungu obubulalayo.

O ngiMthanda kangaka! NgiMdumisa kangaka!
Umoya wami, ukukhanya kwelanga kwami, owami oyikho konke kukho konke!

645 O Nkulunkulu! Wayengakwenza kanjani na? Umuntu uzamile ukukubhala. Omunye wathi:

Ukuba thina ngoyinki besingagcwalisa ulwandlekazi,
Naso sonke isiqu emhlabeni sasilusiba;
Zonke izibhakabhaka zenziwa ngephepha lesikhumba,
Nawo wonke umuntu engumbhali ngokomsebenzi,
Ukuloba uthando lukaNkulunkulu ngaphezulu.

Ukuthi lowoNkulunkulu omkhulu waseZulwini waba kanjani yinyama futhi ethathe izono zami!

Ukuloba uthando lukaNkulunkulu ngaphezulu
Lungamunca ulwandlekazi lome;
Noma nakuba umbhalo ogoqwayo uqukethe konke,
Noma weluleke usuka esibhakabhakeni uye esibhakabhakeni.

646 Nokwenza izindlalifa zalensindiso ithemba eliqinisileyo, Wazifunga Yena ukuthi Wayezovuka ngemihla yokuphela, asiphe ukuPhila okuPhakade. "Futhi akekho ongabahlwitha esandleni saMi." Amen.

Asikhuleke.

647 Ngabe ninecala lokwedelela uthando lwaKhe na? Nibugwemile uBuntu baKhe obubusisiweyo, lona Omkhulu onenze naba yilokho eniyikho na? Futhi manje nakhu lapha enikhona, kulokhu ukusa, kuze kube manje ekuphileni, futhi kuninika ithuba. Nifuna ukuqhubeka nokuphila na? Yinye kuphela indlela yokuphila, lokho ngukuthi kholwani eNkosini uJesu. Uma wena, ngokuvela enhliziyweni yakho, ukholwa ukuthi UyiNdodana kaNkulunkulu futhi uMemukele njengoMsindisi wakho, futhi ukholwe ukuthi uNkulunkulu wamvusela ukulungisiswa kwakho, uma ufuna ukukwemukela phezu kwalezozisekelo, kungokwakho manje.

648 Ubungasiphakamisa isandla sakho na? Umphefumulo othile ongadabukile ngokona, ongathanda uku. . .-pent, uphenduke kulokhu ukusa, uthi, "Ngikhumbule, mfowethu, mshumayeli, njengoba siya emkhulekweni. Nami ngehlulekile. Ngijoyine isonto, kodwa ngi—ngiyazi ukuthi a—angikaze ngibe nalokho okhuluma ngakho. Angikaze ngizalwe ngokusha kwalowoMoya, Mfowethu Branham. Ngivele nje—ngivele nje anginaWo, yilokho kuphela. Ngifuna ungikhulekele, ukuthi uNkulunkulu uzoNgipha wona kulokhu ukusa." UNkulunkulu akubusise, mnumzane. Angabakhona omunye na? Thana, "Nkulunkulu, ngenze ngibe yilokho Ofuna ngibe yikho. Ngifuna Wena u. . .Ngifuna ukuba njengalokho Ongifuna ngibe yikho.

Ngilwedelelile uthando lwaKho." UNkulunkulu akubusise, ndodana.

649 Umzuzwana nje manje.

Ukuba thina ngoyinki besingagcwalisa ulwandlekazi,
Nezibhakabhaka zenziwa ngephepha lesikhumba okulotshwa kuso;
Ukuba sonke isiqu emhlabeni sasilusiba,
Nawo wonke umuntu engumbhali ngokomsebenzi,
Ukuloba uthando lukaNkulunkulu ngaphezulu
Lungamunca ulwandlekazi lome;
Noma umbhalo ogoqwayo ungaqukatha konke,
Noma weluleke usuka esibhakabhakeni uye esibhakabhakeni.

O, uthando lukaNkulunkulu, lucebe futhi lumsulwa kangaka!
Alulinganiseki futhi luqine kangaka!
Luyohlala njalo kuze kube–phakade,
Iculo leziNgelosi nabangcwele.

650 Nkulunkulu othandekayo, qiniso imbongi eyabhala lawomagama zazinjengezinye nje zamakholwa aKho, efunisisa, ezama ukuthola amazwi okuluzwakalisa. Futhi kulotshiwe eBhayibhelini, "Kakhulu, ngoba umshumayeli wayehlakaniphile, wafuna wayesebeka ngokuhlelekile amazwi amaningi." O, besingathanda kanjani ukuba nolimi namagama asetshenziswa ekukhulumeni ebesingachaza kubantu ukuthi ngempela luyini, kodwa belingenakutholakala ezindebeni zosazokufa. Lonke iphakade, kungangabazeki noma ngabe kuyoke kulwembule, ukuthi uNkulunkulu waseZulwini wayeyoke aze eze emhlabeni ukusindisa ompofu, olahlekile, izoni ezilusizi.

651 Ngikhuleka kuWe, Baba, ukuthi ngalamazwi ambalwa angephukile, noma amazwi ephukile kulokhu ukusa, njengoba bengifanele ngisho, ukuthi othize uthole ukuthula nokweneliseka nenduduzo eqinile, obalekele ukuyokhosela. Futhi kwangathi umphefumulo wabo ungabambelelisa okwehange kulesosithembiso uNkulunkulu afunga kuso, ukuthi Uyobavusa ngomuhla wokuphela. Izandla eziningana ziphakamile, endlini, khona lapha kulelitabernakele. Nkulunkulu, baphe lelothemba lokubambelela, khona manje. Kwangathi bangabambelelisa okwehange eDwaleni leminyaka. Akunandaba ukuthi ulwandle lungashukuma kabi kanjani namaxolo abo amancane angagxuma, banehange, isithembiso sikaNkulunkulu. Bahlala lapho, "UNkulunkulu waKusho. Angeqambe amanga."

652 "Ozwa amaZwi aMi," engizamile ukushumayela kulokhu ukusa, "futhi akholwe NgoNgithumileyo, uJehova, unokuPhila okungunaphakade; futhi akasayi ekwahlulelweni, kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni."

653 O Wena oPhakade, busisa labo namhlanje. Futhi kwangathi wonke umuntu phakathi lapha ongekho phansi kweGazi, umphefumulo wabo ongakaze uphenduke, kwangathi kungenzeka njengamanje, Nkosi. Usebenza imfihlakalo. Konke kungokwaKho. Kunikelwe kuWe. Ngikhulekela ukuthi Uzobapha, ukuPhila okuPhakade. Kwangathi, ngoluny'usuku, ngale kolunye ugu, njengoba ngamunye ngamunye sehla sidabula esigodini, kwangathi singabonana laphaya lapho abangasayikuphinde bathi "salani–kahle."

> Ngoluny'usuku siyofika emfuleni ekuvalweni kwesikhathi,
> Lapho imicabango yokugcina yosizi ungasekho;
> Kuyoba nomunye olindile oyosikhombisa indlela,
> Angiyikuwela iJordani ngingedwa.
> Kuyoba noYedwa, omunye olindile oyongikhombisa indlela,
> Angiyikuwela iJordani . . .

654 Wonke lowo onalelothemba, phakamisa isandla sakho manje lapho uphakamisa ikhada lakho.

> Angiyiku . . .

Manje Mkhonzeni nje. Umlayezo usuphelile. Anijabuli na? UNkulunkulu wafunga ukuthi Akayiku . . . UNkulunkulu wafunga ukuthi Uyohlangana nawe lapho.

> UJesu wafela ukuhlawulela zonke izono zami;
> Lapho ubumnyama ngi . . .

Nithini na? Isitinyeli asisekho.

> Uyobe engilindele,
> Angiyikuwela iJordani ngingedwa.

> Izikhathi ngiyalahlwa, futhi ngikhandlekile . . .

Mkhonzeni nje manje.

> Kubonakala sengathi abangani bami sebashona bonke;

Sewake wazithela kuleyondawo na?

> Kodwa munye umcabango ongithokozisayo.

Sasiyini isithembiso na?

> Senza inhliziyo yami ijabule,
> Angiyikuwela iJordani . . .

655 Manje, bantwana besithembiso, Mkhonzeni nje ngokukwenza.

> Angiyikuwela iJordani ngingedwa,
> UJesu wafela ukuhlawulela zonke izono zami;

Kwenzekani manje na?

> Lapho ngibona ubumnyama, Uyobe engilindele,
> Angiyikuwela iJordani ngingedwa.

"Lapho ngifika emfuleni." Nonke niyeza. Kunelikhulu, ithunzi elimnyama elihlezi lapho phambi kwakho. Ngumnyango omkhulu. Uyangena phakathi lapho, ngolunye lwalezizinsuku, mhlawumbe ngaphambi kokuthi usuku luphele, mhlawumbe ngaphambi kokuba ibandla livale kulokhu ukusa. Uyangena lapho. Njalo uma leyonhliziyo ishaya, usondela ngesinyathelo esisodwa.

> Kodwa lapho ngibona ubumnyama, Uyobe elindile lapho,

Wathi Uyolinda, Wafunga Uyolinda.

> Ngakho angiyikuwela iJordan ngingedwa.

656 O Nkosi eBusisiwe, izinhliziyo zethu zigcwele, kulokhu ukusa, ekuchichimeni.

657 Ukucabanga ngokuthi nxa ukushaya komthambo kuyeka, nonesi ecindezela iphilo ngasekhanda lakho. Nezandla zakho, awusakwazi ukunyakaza. Izandla zakho seziphenduke uayisi. Abantwana bakho, unyoko, abathandekayo bakho bayadazuluka futhi bayakhala. Lowomnyango omkhulu ushwibeke uvuleke, ngaleya. Uyobe elindile.

658 UDavide wathi, "Uma ngendlala icansi lami endaweni yabafileyo, Uyobe elapho." Angiyikuliwela ngedwa. Lapho izifutho zomfula ziqala ukubaneka ebusweni bethu, uNkulunkulu uyothatha isikebhe sokuphila, asiholele ngqo siwele kuwo. Wathembisa ukuthi Uyokwenza. UDavide umprofethi wathi, "Yebo, noma ngihamba esigodini sethunzi lokufa, angiyikwesaba okubi. Wena unami. Intonga yaKho nodondolo lwaKho, kuyangiduduza."

659 Nkosi, sijabula kakhulu namhlanje, ukuthi besibaliwe ukuthi siyindlalifa yesithembiso. Namhlanje sinakho phakathi kwethu ukuPhila okuPhakade, ngoba sithanda iNkosi uJesu futhi siYikholiwe, futhi semukela iZwi laYo nokufundisa kwaYo. Futhi Isipha khona, njengophawu lokukholwa kwethu, uMoya oNgcwele, uphawu lukaMoya oNgcwele. Ukukholwa kwethu phakathi kwethu kubambelele okwehange. Futhi nakuba izikhathi eziningi sihamba emathunzini amnyama, izikhathi eziningi sikhubeka sihamba emgwaqeni, kodwa ihange lethu lisalokhu libambelele. Kunokuthize kukho, kude ngaleya,

lokho kubonakala kusihola kusiqondisa, kuthi, "Qhubekani. Siyaqhubeka."

660 Nkulunkulu, sibuse. SiyaKudinga. Sigcine sithembeke njalo futhi siqinisile kuze kube yisikhathi Ofikela thina ngaso, sizoKudumisa iminyaka engenakukhawuka. Nangalolosuku uma sesima emhlabeni. . . Izinyawo zaKhe ezibusisiweyo azikaze ziwuthinte umhlaba okwamanje. Lapho Umi lapho, emoyeni; nabangcwele nabahlengiwe abavela kuyo yonke iminyaka, kuyo yonke imilindo, owokuqala, owesibili, owesithathu, owesine, owesihlanu, owesithupha, nowesikhombisa, bonke bame lapho bembethe ukulunga kwaKhe; siMethwesa umqhele wokuthi UyiNkosi yamakhosi noMbusi wababusi, futhi sicule lezozindaba zokuhlengwa. Izinhliziyo zethu ezimpofu ziyovevezela lapho siMbuka owasithandayo futhi Wazinikela ngenxa yethu. Sathi singathandeki futhi siyizoni, uKristu wafa ukuze sisindiswe. SiyaKubonga ngakho, Baba, eGameni likaKristu. Amen.

661 NiyaMthanda na? O, Unguye ngempela kanjani. Anizwa nje sengathi ningathanda nje ukuba nje ngandlela thize niMgaxe ngezingalo na? Ningethande nje ukugaqa nenyuke futhi nithinte izinyawo zaKhe, niyazi?

662 Niyazi, kwakuvamise ukuba nabantu abeza enkonzweni yami ePhoenix, eArizona, bethi, "Ngithanda ukuxoxa ngakho naYe. Ngithanda ukuthi, 'Nkosi, Wangithanda lapho indlela yami yezinyawo yayifiphele kakhulu.'" Ngithanda nje ukuxoxa ngakho naYe ngaphambi kokuba siwelele ngaphesheya. Ngi—ngifuna ukuMbona. Ngi—ngi—ngifuna ukuMbona nje. Ukucabanga ukuthi ngiyozizwa nginjani, ukuthi inhliziyo yami ehluphekayo iyovevezela kanjani uma sengiMbona emi lapho.

663 Bengihlala njalo ngimangala, "Ngifisa sengathi ngabe ngalizwa leloPhimbo lithi, 'Zanini kiMi, nonke nina enikhathele nenisindwayo. Mina ngiyakuniphumuza.'"

664 Mhlawumbe angisoze ngalizwa lelo ngokwangempela linjengoba Alikhuluma ngaleyonkathi, kodwa ngifuna ukuMuzwa ethi, "Lolu lusuku lokugcina. Kwenziwe kahle, nceku yami enhle nethembekile, manje ngena ezinjabulwenu zeNkosi ezilungiselelwe wena." Kusukela esikhathini esingakanani na?

665 "Selokhu wasindiswa na?" Qhabo mfowethu.

666 "Selokhu kwasekelwa umhlaba, ngenkathi Ngibona wena futhi ngakwazi ngaphambili, futhi ngakumisela ukuPhila okuPhakade," wabusiswa ngaleyonkathi–ke. "Wonke lowo Amaze ngaphambili, Umbizile." Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] "Wonke Ambizile, Umlungisisile. Labo Abalungisisile, Usevele ubakhazimulisile." Nakho lapho okhona. Wasazi ngaphambili, wasibiza, wasilungisisa, futhi sesivele sikhazimulisiwe naYe, ekupheleni kwezwe,

siya emvuzweni wethu. Anijabuli na? [“Amen.”] Impela. Kuyokwenza uMthande. Ngenkathi wawungenakuzisiza, futhi Nangu efika futhi lokho wakwenzela nina.

667 *Libusisiwe Igoda EliBophayo,* Dadewethu Gertie. “Izinhliziyo zethu othandweni lobuKristu,” sisenalenhlanganyelo encane yokukhonza lapha manje, sizobe–ke sesikhulekela abagulayo. UNkulunkulu anibusise. Nina eniphakamisela izandla zenu kuKristu kulokhu ukusa, tholani indawo ukuba nikhonze, Mkhonzeni.

668 Manje, asiMkhonze nje manje, njengenhlangano yebandla, nonke nina maMethodisti, church of God, Assemblies of God, maPresbyterian, maLuthela, Katolika. Sonke kanyekanye manje, asicule manje.

Libusisiwe igoda elibophayo
Izinhliziyo zethu othandweni lobuKristu;
Inhlanganyelo yomqondo ofanayo
Injengalokho ngaPhezulu.

Phambi kwesihlalo sobukhosi sikaBaba wethu,
Sithulula umkhuleko wethu ovuthayo;
Ukwesaba kwethu, ithemba lethu, izinhloso zethu, kunye,
Intokomalo yethu nomnako wethu.

Uma sehlukana ingxenye,
Kusinika ubuhlungu bangaphakathi;
Kodwa siyolokhu sixhumene e . . .

Mangaki amaMethodisti, amaBaptisti, nabo bonke na?

Futhi sithemba ukubuye sibonane.

669 Lokho akunenzeli okuhle na? Asiguquke futhi sixhawulane manje, sisazolicula futhi.

Phambi . . .

Xhawulani, omunye osemva kwakho, phambi kwakho, ngapha nangapha.

. . . hlalo sobukhosi,
Sithulula umkhuleko wethu ovuthayo;
Izintokomalo zethu neminako yethu.

Manje uma sehlukana ingxenye,

Sizothandana.

Kunika . . .

Sifisa sengathi inkonzo ibingaqhubeka? Niyabo? Sicabanga kanjalo.

. . . ubuhlungu obungaphakathi;
Kodwa siyolokhu sixhumene enhliziyweni, simunye,
Futhi sithemba ukuphinde sibonane.

Uma singasekubonana lapha, ngaloloSuku olukhulu siyobonana.

670 Manje, Baba, yemukela ukukhonza kwethu kulokhu ukusa. Thatha iZwi futhi uLitshale ezinhliziyweni zamakholwa. Kwangathi bangeshukunyiswe nje, futhi babephezulu namhlanje futhi babephansi kusasa, kodwa kwangathi lamaZwi angathola indawo yawo yokuphumula enhliziyweni yalolonke ikholwa. Ukwazi lokhu, ukuthi, "UNkulunkulu ufunge ngesifungo, futhi kunezinto ezimbili ezingaguquleki. Ukungaguquleki kukaNkulunkulu, okungukuthi, ukuthi akunakwenzeka ukuba Yena aqambe amanga, ukuze izindlalifa zalensindiso zibe nalelithemba elinamandla, ligxilile futhi liqinile, ihange emphefumulweni." Ukwazi lokhu, ukuthi, "UNkulunkulu usethembisile, ngesifungo esifungelwe. Esisodwa, ukuthi Angeqambe amanga; esinye, Wafunga isifungo phezu kwalokho, ukuthi Uyosivusa ngomuhla wokuphela futhi asinike ukuPhila okuPhakade." Sazi, ukuthi, "Emva kokuba sesibiziwe, ukuthi Wathi Wasazi ngaphambi kokusekelwa kwezwe, futhi wasimisela ngaphambili sibe nesimo sobuntwana ngoJesu Kristu. Futhi Wasazi ngaphambili. Wasibiza. Futhi ngenkathi Esibiza, Wasilungisisa." Ngeke sazilungisisa ngesingathi, ngakho Wasilungisisa ngokufa kweNdodana yaKhe uqobo. "Labo Abalungisisile, Usevele ubakhazimulisile." IZwi selivele likhulunyiwe. Futhi nje sisemgwaqeni wethu, sihambisana, sijabula endleleni yethu ebheke eNkazimulweni.

671 Nika abantu ukukholwa, futhi kwangathi imikhuba emincane nezinto ezilenga kubantu, kwangathi bangazithintitha zisuke kubo, kulokhu ukusa, ngaleliZwi likaNkulunkulu eliyihange lomphefumulo, babambelele futhi baqinise. Kwangathi bangathintitha futhi basuke emikhubeni yabo, ulaka lwabo oluncane. Nezinto ebezi . . . Njengoba uPawulu wathi, ekuqhubekeleni phambili kwengxenye yomlayezo ezinsukwini ezimbalwa, "Masilahle konke okusindayo, nesono esithandela kangaka kithi, ukuze sigijime ngokubekezela kulokhu ukuncintisana esikumiselweyo; sibhekile kumqalisi nomphelelisi wokukholwa kwethu, uJesu Kristu, Owalingwa ngayoyonke indlela njengoba nathi silingwa, nokho engonanga." Wavunyelwa ukuba alingwe, kodwa Akakunakanga ukulingwa. Futhi silingwa ukuba sone, kodwa ukuba singakunaki neze. Ngoba ukuPhila okuphakathi kwethu kuyihange lesiphetho sethu saPhakade, futhi sibambe lobobungcwele enhliziyweni yethu.

672 Manje, baningi uSathane abahluphile ngezinhlupheko. Silungiselela ukubakhulekela, Baba. Kwangathi bona, njengoba

bedlula phansi kweZwi likaNkulunkulu namhlanje . . . LeloZwi eliyigugu elishunyayeliwe, iBhayibheli linikeza ubufakazi, iziNgelosi zikaNkulunkulu zimi eduzane, futhi uMoya oNgcwele omkhulu, ngaphezu kwakho konke, umi lapha ukunikeza ubufakazi eZwini. Manje, Baba, njengoba bedlula phansi kweZwi lesithembiso, kulokhu ukusa, kwangathi bangasuka lapha ukuba basinde. Ukususa izinsimbi zabo zokuhamba, ukuba bashiye izihlalo ne—nemibhejana eyizinhlaka abebelele kuyo, futhi ukuba nje benziwe baphile. Siphe khona, Nkosi. Kwangathi bangabuya enkonzweni elandelayo abavunyelwe ukuza, noma emabandleni abo uqobo, bejabula, bekhombisa ukuthi zinto zini ezinkulu uKristu azenzile. Lokhu sikukhonzisa ngenkazmulo yakho, eGameni likaJesu. Amen.

673 Ngifanele ngixolise ngesithembiso engisenzile, ukuthi kulokhu kusa besizoba nesahluko 7, kodwa angifikanga kuso. Kufanele sivumele isikhathi esincane lapha sa—salokhu, somugqa womkhuleko. Futhi manje, kulobubusuku, iNkosi ivuma, sizothatha isahluko 7, futhi sithole ukuthi kwakungubani loMelkisedeki. Bangaki abangathanda ukwazi na? O, sehlela kuYe nje ngqo, sithole nje ngempela ukuthi Ungubani. Futhi umBhalo uyasho ukuthi Ungubani. Niyabo?

674 Futhi iScofield yasho kwakungu "bupristi." Kwakungaba kanjani ubupristi, kungenakuqala noma bungenakuphela na? Niyabo, kwakungesibo ubupristi. KwakuyiNdoda, uMelkisedeki (igama), uMuntu.

675 Njengokuthi, kungesikho ukudelela, kodwa iSayense yobuKristu ithi uMoya oNgcwele ungu "mcabango." Futhi iBhayibheli lathi, "Yena, uMoya oNgcwele." Futhi *Yena* isabizwana somuntu. NguMuntu; hhayi umcabango. NguMuntu. Ngokoqobo.

676 Futhi uMelkisedeki uMuntu, uMuntu owayengenakuqala kwezinsuku noma ukuphela kweminyaka. Wayengenayise noma unina, noma uzalo. Futhi sizothola ukuthi Ungubani, iNkosi ivuma, kulobubusuku, ngeZwi. NiyaLithanda na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] O! "IZwi laKho liyisibani endleleni yami nasezinyaweni zami." O!

677 Manje, wena uthi, "Mfowethu Branham, angiLiqondi lonke." Kanjalo nami.

678 Kodwa, ngesinye isikhathi, ngangishumayela ezansi eKentucky. Futhi kwabanye abafika okokuqala, neKatolika nabanye abehlukile, abangeqonde ukuthi zijulile kanjani lezi, izinto ezicebile zomBhalo. Ngangikade ngishumayela ngokuphilisa kobuNkulunkulu. Intombazanyana encane ingafake lutho ezinyaweni yaletha . . . Yayingenayo iminyaka eyishumi nanhlanu ubudala, yayinengane encane, futhi yayife uhlangothi. Ngathi, "Yini indaba, dadewethu, ngengane yakho na?"

679 Yathi, "Inokudlikiza." Yayingazi ukuthi izothini, ife uhlangothi. Yayingazi ukuthi kubizwa kanjani.

680 Intwana encane cishe impela yayingakaze iligqoke ipheya lezicathulo, empilweni yayo. Isithandwa sendoda ethize, izinwele ezinde zilengela phansi. Ngathi, "Uyakholwa na?"

681 Nalawo amancane, amehlo aqinile ampunga angibuka. Yathi, "Ya, mnumzane. Impela ngiyakholwa."

682 Ngathatha inganyana. Futhi ngisayikhulekela, yayeka ukudlikiza. Ehhe. Futhi kwaphuma, kwaphuma.

683 Ngosuku olulandelayo, ngangizingela izingwejeje, ngale engxenyeni yentaba. Ngezwa indoda athize ehlezi lapho ekhuluma, isaha elidala likhala. Ngathi nyelele ngehla. Kade ngizingela izingwejeje. Ayekhuluma ngami, ehlezi lapho, ehlafuna ugwayi futhi ephimisa. Amaqabunga endiza, kanjalo. Futhi ayekhuluma ngo, manje, ngomhlangano wangobusuku bakuthangi. Enye yawo yathi, "Ngiyibonile leyongane. Ngiye eduze kwalapho, kulokhu ukusa. Ayisadlikizi, namanje kulokhu ukusa." Niyabo? Yathi, "Lokho bekuyikho ngempela." Futhi yayiphimisa.

684 Futhi ayenezibhamu zincike esihlahleni, ngakho ngacabanga kungcono ngizazise. Niyazi, ayenemibango ezansi lapho, futhi. Ngakho, ngenyuka. Ngathi, "Sanibona ekuseni, bazalwane."

685 Lowo mfo omkhulukazi, obonakale sengathi ubekhuluma, wayenokuhlafuna ugwayi emlonyeni wakhe, ka *njalo*, ngale eceleni ka *njalo*, futhi enkulu, intamo ende. Futhi wayegqoke isigqoko esikhulukazi, wasehlisela ebusweni bakhe. Wayeseqalaza futhi wangibona. Wafinyelela futhi wathatha lesosigqoko, wasihlwitha, wayese. . . [UMfowethu Branham uyagwinya—Umhl.] Wagwinya lowogwayi ohlafunwayo, wathi, "Sawubona ekuseni, mfundisi." Niyabo? Yebo, mnumzane. Inhlonipho. Futhi kunjalo. Ukuthi wake waphila kanjani kukho, angazi, kodwa wakwenza.

686 Ngakho, ngobusuku obulandelayo, ngibuya, kwakukhona indoda lapho eyayifuna ukuphikisana nami kancanyana. Yaya ebandleni elalingakholelwa ekuphiliseni ngokukaNkulunkulu. Ngakho, leli kwakuyibandla lamaMethodisti, eWhite Hill, eKentucky. Ngakho ya—yayiya e. . . Yayimi ngaphandle. Yayinesiketekete esandleni sayo. Futhi yathi, "Ngifuna ukusho okuthize, mshumayeli. Ngeke nje ngakwemukela Lokho, isizathu angiKuboni."

687 Ngathi, "AwuKuboni na?"

688 Yathi, "Qhabo." Yathi, "Ngiyindoda egulayo, mina uqobo. Kodwa," yathi, "Nje angiKuboni."

Ngathi, "Uhlalaphi na?"

Yathi, "Ngemuva ngale eBig Renox."

Ngathi, "Awu, uzofika kanjani ekhaya na?"

Yathi, "Awu, ngizohamba ngiye ekhaya."

Ngathi, "Uyalibona ikhaya lakho na?"

Yathi, "Qhabo, mnumzane."

Ngathi, "Kumnyama kakhulu kulobubusuku, kunamafu."

Yathi, "Yebo."

Ngathi, "Uzoya kanjani ekhaya na?"

Yathi, "Ngalesisiketekete."

Ngathi, "Isiketekete asikukhombisi ukukhanya yonke indlela eya endlini." Ngathi, "Uhamba kanjani na?"

Yathi, "O, ngihamba ngesiketekete."

689 Ngathi, "Yilokho. Unokukhanya kwesiketekete manje, futhi ngasosonke isikhathi uya *nga*pha, ukukhanya kuyolokhu kukukhombisa ngaphambi kwakho. Uma nje ulokhu uhamba, ukukhanya kuzolokhu kuhamba nawe."

690 Futhi wenza lokho kulokhu ukusa, ufuna uKristu, umPristi oPhakeme oMkhulu, uMkhulumeli wokugula kwakho, noma izifo zakho, noma umphefumulo wakho. Ungahle ungaKuqondi. Asikuqondi. Kodwa siyayalwa uku "Hamba ekuKhanyeni njengoba EsekuKhanyeni." Wenza isinyathelo ekuKhanyeni. Futhi uma unokuKhanya kunawe, ukuKhanya kuyokhanya osukwini oluphelele. Kuyogcina indlela phambi kwakho.

Futhi siyokwenyuka ngalomgwaqo omkhulu
omdala omuhle,
Ngixoxa noma ikuphi la ngiyakhona,
Ngiqoka ukuba umKristu wakudala, Nkosi,
Kunoma yini engiyaziyo.

Sewake walizwa lelo culo elidala na?

Ayikho into efana nomKristu wakudala,
Ukukhombisa uthando lobuKristu;
Sihamba emgwaqeni omkhulu omdala omuhle,
Futhi ngixoxa noma kuphi la esiyakhona,
Ngiqoka ukuba umKristu wakudala, Nkosi,
Kunoma yini engiyaziyo.

691 Ngiyalithanda nje. Kulungile. Manje sizokhulekela abagulayo. Asi . . . Asizisho ukuthi singaphilisa abagulayo. Uma sikwenzile, besizoba sisho okuliphutha. Wonke umuntu ogulayo phakathi lapha usevele uphilisiwe. Yilokho umBhalo owakusho. "Ngemivimbo yaKhe thina siphilisiwe." Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

692 Sonke isoni esiphakathi lapha, mhlampe singaba khona esisodwa, usindisiwe selokhu uJesu afa. Kodwa ungalokothi ufe lapha lapho ithuba lakho lalibekwe phambi kwakho, ukuya eBukhoneni baKhe kunokuzama ukuLemukela. Kwenzelwe

imanje. Khona manje ufanele uLemukele. Uma uhamba weqe ngaleya kweGazi, khona-ke awulutho kodwa . . . Usuvele wehlulelwe, ngoba wehlulelwa ngendlela ophathe ngayo ukuBuyisana kweNkosi uJesu Kristu. Niyabo? Wena, zehlulele wena lapho.

693 "Ngakho Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, futhi nemivimbo yaYo siphilisiwe." Ngakho, ayikho into engingaba nayo, ukuniphilisa. Ayikho into ibandla elingaba nayo, ukukuphilisa. Into kuphela esingayikhulekela yile, ukuthi ukukholwa kwakho akuzukwehluleka, ukuthi uzoza ealtare kulokhu ukusa ukwemukela uKristu njengoMphilisi wakho, njengoba wenza ngoMsindisi wakho. Futhi ngaphandle kwanoma yini . . . UNkulunkulu wenza izimangaliso. Ukhombisa isibonakaliso esikhulu. Ubumpumputhe, isithulu, isimungulu, yonke into, bayaphiliswa khona lapha etabernakele. Kodwa noma ngabe kunjalo noma akunjalo, siyaKwemukela, noma kanjani. Izikhathi eziningi lezo zinto zingemibono.

694 Bangaki owayelapha cishe emaSontweni amathathu edlule, noma amane, ngenkathi indoda ingena lapha, kokubili ubumpumputhe futhi ikhubazekile, noma ihlezi esihlalweni nomuzwa ongami uqonde. Futhi ngaphambi kokuba ngisuke ekhaya, ngayibona embonweni, "Ukuthi kuyobakhona indoda lapho, izinwele ezimnyama, seziba mpunga. Umkayo ungowesifazane obukekayo, cishe eneminyaka engamashumi ayisithupha ubudala. Uzoza futhi ekhala," futhi uzongicela. "Nokuthi ngibuye nokuthi ngikhulekele umyeni wakhe." Uhlezi khona lapho.

695 Futhi ngehla. Ngathi kwabanye babazalwane bami lapha, "Bhekisisani lokhu."

696 Futhi ngenkathi sehlela ealtare, abanye basebekhulekile. Ngenkathi ngiyokhuleka, ngahamba ngaqhubeka futhi ngabuya ngapha. Futhi umkakhe wasukuma futhi uza ngendlela nje impela iNkosi eyishilo ukuthi kuyoba yiyo. Abantu bebhekisisa, ukubona uma kuyokwenzeka ngaleyondlela. Akwehlulekanga nhlobo. Futhi ngakho ngenkathi ehamba . . .

697 Kutholakala ukuthi, ukuthi indoda, uDr. Ackerman, ezansi e Birdseye, e Indiana, kwakunguye owamthumayo enhla lapha, oyiKatolika, futhi umfana wakhe ungumpristi emzini wezindela zesilisa lapho e Saint Meinrad. Futhi uDr. Ackerman ungumzingeli onguphathina wami, futhi wathumela indoda enhla lapha. Futhi iNkosi yangikhombisa indoda enekhanda elimnyama eyomthuma, kodwa angazanga ukuthi yayingubani.

698 Ngathi, "Ngabe lowo bekungu Dr. Ackerman na?"

699 Yathi, "Bekunguye." Niyabo? Futhi–ke indoda . . .

700 Ngathi, "Ngu ISHO KANJE INKOSI." Ngehla. Ngathi, "Mnumzane, sukuma." Kokubili ubumpumputhe futhi engena . . . yena . . . U—umuzwa wokuma uqonde wawungasekho.

Yayingeke izisukumele kanjalo. Niyabo? Kwase kuyiminyaka injalo, yayikade ikwa Mayos nakuzozonke izindawo zangapho. Futhi nje ngayikhulekela umkhuleko, futhi wayisukumisa. Yasuka yahamba, yehla yedlula.

701 Okokuqala yathi, "Angikuboni." Khona–ke yadazuluka, "Yebo. Sengiyakubona." Amehlo ayo avuleka lapho. Yayikade iyinkolo yokomthetho, umkayo oyiPresbyterian.

702 Abanye abantu bacabanga ukuthi i "Presbyterian ayimemezi, nenkolo yokoMthetho." Ufanele ubezwe. Impela. Babedazuluka futhi begonana. Yabuya futhi yathatha isihlalo sayo esinamasondo, futhi yaphuma futhi yehla ngezitebhisi, njengoba nje noma iyiphi indoda, yayisikwazi ukubona nokukhuluma futhi—futhi kanjalo njalo.

703 Kwakunencwadi evela kuyo, noma ukubizwa, ngolunye usuku. Ngiyakholwa, uMfowethu Cox waya kuyo. Wathi, "Amehlo ayo ayenokuzwa okuvuthayo." Impela. Umuzwa, imizwa ephathelene nokubona iyakhula futhi ibuyele ekuphileni, niyazi, futhi ithatha indawo yawo. Isiqalekiso sasuswa.

704 Uma uzovumela imvelo ibe nendlela yayo, uma kungekho lutho oluthikazisa imvelo, khona-ke iyo—iyoba nokushwiza okugcwele. Uma unebhandishi lizungeze ingalo yakho, livala ukuhamba kwegazi, isandla sakho ekugcineni siyofa. Manje, ngoba, ngokwemvelo, kuyolunga uma uyovele ukuyekele. Kodwa okuthize kuphazamise imvelo. Khona–ke, uma ungakuboni, ayikho indlela kudokotela ukukubamba. Izinto ezimbili kuphela angasebenza ngazo: lokho angakubona, lokho angahle akuzwe ngokuthinta. Yileyonto kuphela angasebenza ngayo: lokho akubonayo nalokho akuzwayo ngokuthinta.

705 Uma engeke akubone, khona–ke ufanele ebe ngowomoya. Khona–ke kukhona, into kuphela enga, into eyodwa engenzeka; siyakhuleka, uKristu ususa isiqalekiso, ususa uDeveli, futhi lokho kuqala ukuba ngokujwayelekile, awu. Asinde, futhi yilokho kuphela lapho okukhona kukho. "Ngegama lami bayakukhipha amademoni." Kunjalo na? Kuyisithembiso ebandleni. Kuyisithembiso samandla. Ini na? Ku, kunguBukhona baKhe kithi. Manje, okusenza ngabe siphelele kulokhu ukusa, ukwenza lezozinto njengoba nje Enza, kungoba siseseveyilini. Niyabo? Kodwa sinokuzwa okuthize lapho okusitshelayo, "O, yebo." Niyabo?

706 Futhi uma wemukela ukuphiliswa kwakho . . . Akunandaba ukuthi iveyili ithini, kuyilokho iZwi elakusho. Niyabo? Yilokho. Yilokho. Futhi i—i—iZwi njalo linamandla edlulele phezu kwanomayini. IZwi likaNkulunkulu eliPhakade!

707 Bukani uSara, isizalo sakhe sifile, iminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye ubudala, wahlala nomyeni wakhe kusukela cishe eneminyaka eyishumi nesithupha noma ishumi

nesikhombisa, kungekho bantwana; uAbrahama, ikhulu. UNkulunkulu waphenduka ngqo futhi ubanika ingane. Niyabo? Ngoba, bakholwa. Babiza lezozinto ezazingekho, ngokungathi zazikhona. Ngena kuleyondlela kulokhu ukusa, mngane.

708 Futhi kulobubusuku, silindele. . . Uma nonke nivakashile kanye nathi, siyajabula ukuba nani lapha kulokhu ukusa. Futhi uNkulunkulu abe nani. Futhi uma usedolobheni okwalokhu ukuhlwa, singajabula ukuba nani kulokhu ukuhlwa kuyo yonke le nkonzo, kaMelkisedeki. Futhi–ke uma ningeke, futhi ninebandla lenu uqobo, yana ebandleni okungelakho uqobo. Leyo—leyo indawo yakho yokugada. Uma ungowebandla, hamba uye lapho. Leli nje yitabernakele elincane lapho esihlangana khona phakathi lapha futhi sibe nenhlanganyelo omunye nomunye. Manje, iNkosi inibusise.

709 Futhi uDadewethu Gertie uzosidlalela elithi, *Inyanga Enkulu Manje Iseduze*. Futhi ngabe ukhona lapha ofuna ukukhulekelwa na? Phakamisa isandla sakho, labo ofuna ukuza emgqeni womkhuleko, ukubeka ukukholwa kwakho kuKristu. Kulungile. Uma nizokwenza umugqa ngaku *lolu* hlangothi lebandla, uma uthanda. Futhi uma bezodonsela isihlalo phansi nje kancanyana, mfowethu, uma uthanda, ukuze kuthi sithole indlu encane phakathi lapho futhi singaletha abafo bedlule. Woza ngapha ngaku *lolu* hlangothi.

710 Futhi sizokhuleka manje, sisacula. Futhi ngizocela amalunga amadala lapha, anoma yiliphi ihlelo noma ibandla, kungakhatheleki ukuthi kuyini, uma ukholwa ekuphiliseni kukaNkulunkulu, ningama nami lapha kulomsamo, ukukhulekela abagulayo na? Sizojabula ukuba nani. Noma yiliphi ihlelo, noma kunge–hlelo, noma ngabe uyini, sizojabula ukuba nani. Beningeza nje manje, okomkhuleko, yenyukani futhi nime nami.

Mfowethu Neville, uma uzoza namafutha.

